# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

Ngiyabonga, kakhulu. Ningahlala phansi. Sekube yisikhathi kusukela ngiseSalem, e-Oregon, ngaphambilini. Futhi bengihlala ngilindile ngokukhulu ukulangazelela ukubona isikhathi sokubuya futhi, ukuthola ukuvakasha nalaba abangcwele beNkosi lapha, abagogobele lapha eSalema nangakhona.

2 Asikholwa ukuthi lena yindawo yenu yokuhlala, ngoba lapha asinayo, kodwa sifuna uMuzi ozayo oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Ngakho sizisho ukuthi singabahambi nezihambi lapha, asisizo izihambi omunye komunye, kodwa izihambi ezweni, ngoba ifa lethu ngelaphezulu. Futhi saba nenhlanhla cishe eminyakeni emibili edlule yokuvakashela abanye babangane bethu, ngale e-Oregon lapha, ngaseKlamath Falls, nesikhathi esihle kakhulu esabanaso.

3 Sinilethela imikhonzo evela kwabanye ezingxenyeni ezehlukene zezwe ezigogobele nazo. Futhi lona wethu... umhlangano wami wesishiyagalolunye ulandelana. Ngithi ukuza kini ngikhathele kancanyana, kodwa ngihlale ngikulungele ukukhonza iNkosi kunoma yimaphi amandla engingakwazi.

4 Manje, sinemihlangano emihlanu ekhazimulayo ehleliwe, kulobubusuku, nakusasa ebusuku, futhi kuqhubeke kuze kube yiSonto ntambama, Ngicabanga ukuthi yilo, ngeSonto ntambama yinkonzo yethu yokuvala emkhankasweni. Sithanda ukunibonga nonke ngokusibiza lapha, uxhaso, nabo bonke ababambisene, ngalesisakhiwo esithandekayo, nakho konke, senziwe saba sihle kakhulu. Ngiyacabanga, ukukhuluma ngokobuntu, ukuthi senze konke-...nenze yonke into kahle kakhulu.

5 Manje, into elandelayo okuzoyithatha...Asisezi neze ukuzobonana, esikwenzile, ngomqondo owodwa, ukubonana, kodwa nokho siza ukuzokhonza iNkosi, nokuzama ukwenza okuthize senzela uMbuso waYo. Futhi manje, kuzothatha yonke ingxenyana yomzamo esingayikhipha ukukwenza. Futhi kuzo...Manje, lona umhlangano esiwubekele uMbuso kaNkulunkulu, futhi kungumsebenzi wawo wonke umKristu ukwenza ingxenye yabo, ngokusemandleni njengoba bengakwazi, ukubona ukuthi kuyimpumelelo enkulu yoMbuso.

6 Manje, izikhathi eziningi thina befundisi, thina, nezinhlangano ezehlukene, nokunye nokunye, kodwa sonke sicindezelela iNdawo eyodwa enkulu, wonke umphefumulo

ebesingawuqondisa ngaleyondlela, yilokho esikwenzayo. Futhi siyazi manje amalunga nje ebandla analo, futhi, ithuba elikhulu, manje, okuba enze ingxenye yawo yenkonzo. Ngamunye wenu ufanele abe ngumshumayeli, futhi lokho kungukuthi, ukutshela omunye umuntu, ukungenisa abagulayo nabahluphekileyo, ukungenisa izoni. Futhi sizohlwanyela iMbewu kaNkulunkulu, futhi sikhulekele ukuthi uNkulunkulu uzonisa uMoya oNgcwele phezu kwayo, futhi aveze isitshalo esikhulu semiphefumulo ngalomhlangano.

7 Leyo yinhloso yethu yokuqala ukuzuza imiphefumulo; okwesibili, ekuphakamiseni isakhiwo sabantu bakaNkulunkulu, iBandla; okwesithathu, umkhuleko wabagulayo; nokwenza noma yini esemandleni ethu ukusiza ukwenza impilo ibe ngconywana kini, nohambo kancane. . . imithwalo ibe lula kancane.

8 Futhi siyethemba ukuthi lapho sesihamba, nomhlangano usuhlakazekile, kuzoba khona. . . idolobha lonke lizozuza, wonke umuntu, ulenze encane. . . indawo elula kancane ukwenza okulungile, okulukhudlwana ukwenza okungalungile. Yilokho esifuna ukukushiya, lokho, lapho sisuka edolobheni.

9 Sifuna ukubika, phansi naphezulu ogwini, kulemihlangano esibe nayo ngapha ibe yinkazimulo. INkosi isibusisile, izindawo yayigcwele, futhi sibone imihlangano emibili, imihlangano emibili yokugcina ibicishe iphelele, zonke izihlalo ezinamasondo, udaba lohlaka lombhede, noma ngabe bekuyini, lwakhululwa yi—yiNkosi, mayelana nawo wonke umuntu oza emhlanganweni. Sibonga kakhulu ukubika lokho kulabo abafuna ukuphulukiswa kwabo nabathandekayo babo. Nokuthi futhi abaningi usindisiwe, futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, namabandla abusisiwe. Futhi uma sizizwela, senza lokho, sizizwela sengathi senza ingxenye yethu encane ukusiza uMbuso kaNkulunkulu. Futhi silapha, bazalwane, nani bazalwane lapha, ngiyawuthakasela umusa wenu wokungimema ngapha, nokuba nami lapha.

10 Futhi ngiyeza manje u—ukwenza lokhu: UJesu wathi, "UMbuso weZulu ufana nomuntu owathatha inetha, waya olwandle. Futhi walidonsa inetha, nalokho akuthathile. . . " Manje, ngiyazi ukuthi ngamunye wenu, emabandleni enu, ninenetha, futhi uyayishwiba nje yonke indawo ngakomakhelwane bakho uzama ukuthola zonke izinhlanzi ongazithola. Manje, ngize ukuzophonsa inetha lami nawenu nonke, futhi sizofinyelela phandle le, sizungeze idolobha, yonke indawo, futhi sibone ukuthi ngeke yini sidonsele uMbuso kaNkulunkulu okuthize. Yilokho esikuzele lapha, ukwenza konke esingakwenza uku—ukusiza.

11 Manje, kungukuthi, ngicabanga ukuthi kuyinhlanganisela eyisisekelo samahlelo ehlukene, wonke umuntu wemukelekile,

iProtestane, iKatolika, iJuda, noma kungaba yini, isoni, ongcwele, noma ubani, ngisho nakodakiwe uma ezoziphatha kahle futhi ahlale athule. Wemukelekile nje ukuba eze njenganoma ubani, kodwa ufanele aziphathe kahle, ufanele ahloniphe indlu yeNkosi.

12 Sibonga kakhulu kulendawo yokugcina izikhali, noma induna enkudlwana yasempini, noma ngabe bekuyini osivumele sibe nalesisakhiwo esihle, ngicabanga ukuthi sihle. Bengilapha namhlanje ngisibuka, ngizama isimo sokuzwakala endlini, nokukhuluma, nakho konke kuso kuphelele nje. Futhi niyangizwa kahle yonke indawo manje na?

13 Uyabazi abantu, kusemoyeni, futhi kuba nzima uma uthatha isakhiwo esingenalutho futhi ukhulume, bese ugcwalisa isakhiwo ngabantu futhi ukhulume, kungumehluko impela. Futhi ngakho-ke manje ngezinye izikhathi ekukhulumeni ngithola ukuzwakala kahludlwana nje, ngoba ngingumvangeli, isithunywa senkolo, futhi bengijwayele ukushumayela lapho kukhona amasimu nje, noma inkundla yezemidlalo, ngaphandle, lapho ngesinye isikhathi ungenayo imayikhrofoni, ufanele nje umemeze kakhulu sengathi wawuthethisa izinkomo, kodwa angikuqondile kanjalo, futhi ngi—ngineqiniso ukuthi nizoqonda.

14 Futhi manje, ngokuvamile ubusuku bokuqala bomhlangano kuba ubusuku obunzima, ngoba wonke umuntu uzama ukujwayelana nomunye. Futhi—futhi abanye ngaphansi kokulindela, abanye bayazibuza, futhi abanye abakaze babe semhlanganweni phambilini, futhi abanye kubo uzwile, futhi—futhi khona-ke bakhipha imibono yabo. Into yokuqala umfundisi ngokujwayelekile ayishoyo ishaya ekhaya ngomunye umuntu, abanye abafuni kuzihlanganisa lutho nakho, futhi unakho konke ukulwa nakho.

15 Kodwa masingasolani. Ngiyakholwa ukuthi ningabantwana bakaNkulunkulu, ngifuna ningikholwe ukuthi ngiyafana, ukuthi ngingumfowenu, futhi ngilapha ukunisiza. Manje, ngi—ngingowaseningizimu futhi—futhi angikaphumi ekukhulumeni kwami okwamanje, futhi njengoba ngihambe ngokunensa kancanyana. Ngakho ngibekezeleleni, ngoba angikwazi nje ukucabanga ngakho ngokushesha kakhulu, niyazi, futhi ngifanele ngilindele Yena ukuthi angitshele. Futhi ngakho ngibekezeleleni, ngikhulekeleni, futhi ngizokwenza okufanayo, nginikhulekele.

16 Manje, ngicabangile, kulobubusuku, sinomlayezo omncane oyisingeniso esithi nje ukwethula umhlangano ngawo, inkulumo encane nje esemthethweni. Futhi ngaleyondlela sithola uhlobo lokufunda omunye nomunye, sithole u—umuzwa womunye nomunye, bese-ke sizinza ngqo ngaleso sikhathi emhlanganweni.

17 Futhi manje, ngifuna nina ningenzele lokhu, ngifuna nina ne. . .Kukhona. . .Sinenqwaba, izihlalo. Ngokuvamisile, emihlanganweni ekade sinayo, yonke indlela kusukela eCow Palace kuya phezulu, bekunabantu abebengakwazi ukuthola isihlalo. Indawo yokugcina esasikuyo babemile, futhi indawo yayigcwele phama ngehora lesihlanu nqo ntambama, wawungeke usondele kuyo. Futhi ngakho manje, sinenqwaba yezihlalo.

18 Futhi—futhi ngiyazi abantu lapha e-Oregon baya esontweni, futhi bangabantu abakahle. Futhi abantu bakaNkulunkulu yonke indawo bakahle. Futhi singathanda ukubona, yenza ingxenye yakho manje eMbusweni kaNkulunkulu, ngoba isibopho asikho ngokuphelele kubelusi benu noma kimi, sikithi sonke ukuhlonipha uNkulunkulu. Futhi manje, yenza ingxenye yakho, sizokwenza eyethu naphakathi kwakho, Ngikholwa ukuthi kuzoba yinto enhle kakhulu, futhi yilokho esikufunayo.

19 Ngiyakholelwa ekuFikeni kweNkosi uJesu, ngiyakukholwa ukubuya ngokwenyama kukaKristu. Ngikholwa ukuthi kuseduze ngempela, ngikholwa ukuthi sesiseduze kwalesosikhathi manje. Manje, akekho owaziyo ukuthi Uzofika nini, hhayi ngisho neziNgelosi. Wathi uBaba kuphela owazi lokho. Ngakho khona-ke, asazi, kodwa sinezimpawu esibheke kuzo, ukwazi ukuthi lapho lezizinto ziqala ukwenzeka ukuthi isikhathi siyasondela. Ngakho impela singabona izibonakaliso ezinamandla ezenelisayo manje, ukuthi—ukuthi isikhathi sesiseduze.

20 Futhi ngakho ngikholwa ukuthi loluxhaso ngabazalwane bePentecostal, ngingomunye futhi. Kodwa sifuna nazi ukuthi iPentekoste, kini maMethodisti, iBaptisti, nePresbyterian, siyanikholwa nani maPentecostal futhi. Niyabo, iPentekoste aliyona inhlangano, iPentekoste isehlakalo sonke esingaba naso. Niyabo? Noma ngabe uyiKatolika, noma iBaptisti, noma iPresbyterian, noma ngabe uyini, iPentekoste isehlakalo, futhi kungokwanoma ubani okufunayo. Kunjalo. Futhi ngumuntu wonke. Nginabaningi kakhulu. . .

21 Ngiphuma ebandleni lamaBaptisti, ngisenayo inhlanganyelo, imihlangano emangalisayo yabo, futhi ngine-Episcopalian, iPresbyterian, ngokwesizinda zasekuqaleni iKatolika lingumndeni wami, ngingum-Irishi. Futhi ngakho kudlule lapho uNkulunkulu akakaze abuze noma ngubani emsamo, obakhulekelayo, "Manje, uzofanele uguquke usuke kwiMethodisti uye kwiBaptisti." Akuwona umqondo lowo.

22 Niyazi, ngiyikhehla, ngineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala, futhi sebinge nomndeni wakwaBranham yonke leminyaka, futhi niyazi, abakaze bangicele ukuba ngijoyine umndeni, kuyaxaka, kodwa ngiyakholwa ukuthi ngazalwa ginguBranham. Futhi ngakho

yileyondlela esikholwa ngayo ukuthi singamaKristu. Niyabona? Si—si—sicabanga ukuthi nifanele nijoyine ibandla elithile futhi nibe nenhlanganyelo, kodwa empeleni, ukuba ngumKristu kungukuzalwa ungumKristu, isipiliyoni sokuzalwa ngokusha sokuba ngumKristu.

23 Futhi manje, ake ngiphinde futhi, ngaphambi kokuba ngithathe indikimba, ngukuthi sikhulekela abagulayo. Manje, kungahle kube nodokotela abahlezi eduze. Dokotela, angizelanga ukuzothatha isiguli sakho, ngizele ukuzokhulekela isiguli sakho. Niyabo? Ngi—ngikholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kube ngesinye sezihloko ezinganakwa kakhulu, bese kuthi-ke, sekube nokuningi futhi ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu okuphumile ngaphansi kwegama lokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, obekungafanele neze kuphume, si—siyakuqonda lokho. Ebandleni, insindiso, okuningi kwakho kuphumile, o, uhlobo lwenkolo yobuhlakani, okuvele kujoyine ibandla njengedlangala, futhi ukuyeke konke kuhambe. Asikukholwa lokho. Sikholwa ukuthi ufanele uzalwe ngokusha, sikholwa ukuthi ufanele ube ngumKristu ngokuzalwa.

24 Futhi ngikholwa ukuthi ziningi izinto ezaphuma phansi kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, izigameko ezithokozisayo zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, noma ezabizwa ngalokho, futhi kwakuyoba . . . kungaba khona konke okunye ngaphandle kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, zonke izinhlobo zemizwa, no—nokunye nokunye.

25 Kodwa ngizozenza ngicace, futhi lokhu kuyatheyishwa, ukuthi ngikholwa ukuthi sonke isibusiso sokuhlenga esiya esintwini sesivele sikhokhelwe, futhi singesakho, ukuthi "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Yinkathi edlule. Ngiyakholwa ukuthi ngenkathi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, yafa eKalvari, Wathenga insindiso yethu, futhi sonke isono emhlabeni sakhokhelwa.

26 Manje, akusoze kwakusiza ngalutho uze ukwamukele njengempahla yakho eqondene nawe ngqo. Kodwa uma uzama ukuthi nje, "Awu, Uthethelela izono," yebo, umusa kaKristu, ukufa kukaKristu kwahlawulela izono, "iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe," kodwa ufanele uMemukele njengoMsindisi wakho, kungenjalo akusoze kwakusiza ngalutho.

27 "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe." Ngakho-ke, akekho umuntu ongake asindise umphefumulo noma aphulukise umuntu ogulayo, sekwenziwe kakade eKalvari. Ngikholwa ukuthi iKalvari yakhokha inani, uJesu Kristu eKalvari wakhokha inani.

28 Manje, ngiyakholwa uma ubungangena ngaphansi kwemfundiso yomelusi wakho, futhi ukholwe eNkosini uJesu, futhi uMemukele njengoMsindisi wakho, ngiyakholwa ukuthi uzosindiswa. Kunjalo. Futhi ngiyakholwa ukuthi lapho uzwa iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa, futhi usho ukuthi Liyi. . .ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina, futhi sizokwemukela phezu kwalezozisekelo, yileyondlela okwenziwa ngayo. Ngokuba UngumPristi oMkhulu, khona manje, owenza isinxuselo phezu kokuvuma kwethu.

29 Niyabo, kuqala siyakwemukela, futhi siyavuma ukuthi Ukwenzile, bese kuthi-ke Angahamba ayosebenza ebupristini baKhe obukhulu njengomPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu kwalokho Asenzela khona eKalvari. Lokho oku—lokho okuvunyelwe, akunjalo, bazalwane na? Yebo. Niyabo, ukuthi Yena. . .ukuthi lokho Asenzela khona eKalvari, kuqala siyakwamukela, sikukholwe, sikuvume, futhi-ke UngumPristi oMkhulu ukwenza kube kuhle lokho esikuvumayo ukuthi Ukwenzile. Niyabo? Lokho okokuphulukisa noma insindiso.

30 Manje, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu angenza noma yini Afisa ukuyenza, ngoba unguNkulunkulu, kodwa ngiyathanda ukuthi kuvele nje eBhayibhelini, khona-ke ngiyazi ukuthi ngiqinisile. Ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu elingenasiphosiso, angikholwa ukuthi Lifanele lenezelwe noma kususwe kulo.

31 Manje, njengomntwana, umfana omncane, umama nobaba bobabili um-Irish, ngenkathi ngizwa lolobizo lukaNkulunkulu, ngehla ngaya ebandleni, futhi umpristi ungitshela ukuthi insindiso isebandleni. Awu, khona-ke ngiyathola kubangane bami ababekhonza emabandleni ehlukene, yiliphi kulawomabandla elinensindiso kulo-ke na? Niyabo? Uma iKatolika beliqinisile, khona-ke iLuthela impela linephutha; uma iLuthela liqinisile, khona-ke kukhona okungalungile ngeBaptisti. Ngakho yiliphi kulawo mabandla elingaba ngelilungile na?

32 Emva kokuhlola, ukuzama ukuthola, ukumba, nanoma yini engangingayenza, ngithola ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe, neZwi liqinisile. UNkulunkulu angeke ahlulele izwe ngebandla, kodwa ngeZwi, ngokuba ngibona ngale eNcwadini yeSambulo lathi, “Noma ubani oyosusa iNgxenye eyodwa noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kuyosuswa engxenyeni yakhe yeNcwadi yokuPhila.” Futhi khona-ke ngikholwa ukuthi Alinasiphosiso, ukuthi Lifanele ligcinwe ngendlela nje Elilotshwe ngayo.

33 Ngikholwa ukuthi Alinakuhunyushwa ngasese. Ngikholwa ukuthi Li. . .UNkulunkulu uLibhekile, futhi Liyindlela impela

nje, ukuthi Uzokwahlulela izwe, ngaleNcwadi. Manje, Uzofanele abe nomgomo, ndawondawo, ukwahlulela izwe ngawo. Ngakho ibandla lizokwahlulelwa ngeZwi.

34 Nakhu ukuthi ngi—ngicabanga kanjani ukuthi aLinasiphosiso: aLinasiphosiso kakhulu, kwaze kwathi ngisho lapho u-Eva, engakholwa, kodwa elalela ukuzindla okuncane ngokumelene naLo, kwabangela konke ukufa, nalo lonke usizi, nabo bonke ubuhlungu benhliziyo. Yilokho akwenza.

35 Ngikholwa ukuthi umkaLoti, njengoba ayalwa yiNgelosi ukuba angabheki emuva, futhi waphenduka wabheka emuva, futhi umi namhlanje, insika kasawoti, ngoba nje wakholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu kangako. Manje, ubenesizathu esingcono kunesami nawe esinaso. Niyabo, abantwana bakhe, nabazukulu bakhe babevutha ezaHlulelweni zikaNkulunkulu. Nokukhala kwabantwana bakhe uqobo, nabazukulu bakhe, nenhliziyo kamama ikhala kakhulu yavele yangalihlonipha iZwi likaNkulunkulu ngokwenele ukuba ajeqeze emuva, futhi lapho ephenduka.

36 Niyabo, ngikholwa ukuthi iZwi lifanele libe ngayo impela nje indlela eLilotshwe ngayo, lokho nje. NizoLikholwa nami na? Phezu kwalesosisekelo, asizinze manje eZwini futhi sikhulume ngeZwi. Asikhuleke manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

37 Namakhanda ethu ekhotheme, impela ziningi izicelo endlini. Ngobuqotho phambi kukaNkulunkulu, uma unesicelo ongathanda uNkulunkulu asenze, ngesikhathi salomhlangano, phakamisa isandla sakho kuYe manje futhi uthi, "Ngalokhu, Nkulunkulu, ngifuna Ungikhumbule. Nginomuntu engimthandayo ofuna ukusindiswa. Nginokugula, noma okuthize."

38 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho somusa. Besingeke sifune ukuza ngesiHlalo sobulungiswa, ngokuba besingenakuma lapho; besingeke size ngeSihlalo sokwaHlulela, besingeke sime lapho. Ngokufanelekile, besifanele silahlwe, ngoba singabezwe, inzalo ka-Adamu ewile, kodwa siza ngeSihlalo sobukhosi somusa.

39 Futhi uJesu, ngenkathi Esemhlabeni, wathi, "Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, kuyakuphiwa." Futhi ngiyacela manje kuqala, Nkosi, ukuxolelwa zonke iziphambeko zethu ngokumelene nemiyalo yaKho, sithethelele, Nkosi, sonke. Sikhulekela abafowethu abangabefundisi, ibandla labo, ngenxa yezono zedolobha, nezesizwe, zabantu ezindaweni zonke.

40 Nkulunkulu, ngikhulekela isono sami uqobo, futhi siyazi ukuthi isono ekuqaleni siwukungakholwa. "Ongakholwayo uselahliwe kakade." Futhi ukungakholwa okusibangela ukuba senze amacala okuziphatha okubi esiwenzayo, futhi uma siyakholwa kuphela, besingeke sizenze lezozinto. Ngakho

ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzothethelela ukungakholwa kwethu, futhi uzoza komunye nomunye wethu kulobubusuku, futhi ubeke phezu kwethu ukukholwa okuzophendula isicelo esinaso ngaphansi kwezandla zethu, siphe khona, Nkosi, lokho kusezinhliziyweni zethu.

41 Siza lapha ngokuzizwa siholwa nguMoya waKho. USathane ulwile, ezama ukusivimba ukuba singezi, kodwa yingakho ngikholwa ukuthi okuningi kakhulu ukuthi kukhona esibekelwe khona. Futhi sicindezela impi kulobubusuku, futhi Uyivulile indlela.

42 Manje, Baba, sengathi sonke singawubamba umbono futhi sikhumbule esikucelile, futhi lapho sicindezele siye phambili nesicelo sethu. Futhi ngibeka okwami phezu kwe-altare lomhlatshelo kulobubusuku, umkhuleko wami, ukukholwa kwami, konke phezu kwe-altare laKho legolide lapho uMhlatshelo wethu, uKristu, ulele nomkhuleko nesicelo sabo bonke lababantu. Futhi ndawonye sicela ukuthululwa okukhulu koMoya waKho. Nkosi, yenza ukwedlulela okuchichimayo ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange. Kwangathi kungathululwa phezu kwalomhlangano, Nkosi.

43 Futhi lapho sekuphelile, kwangathi kungaba khona imvuselelo yemfashini endala equbuka ezweni lonke lapha, namabandla onke avuthele uNkulunkulu, imiphefumulo isindisiwe, nabantu bephulukiswa, nenkazimulo ilethwe eMbusweni kaNkulunkulu. Phezu kwalomkhuleko, nalaba abanye belele phezu kwe-altare laKho legolide, sicela phezu kwabo iGama likaJesu Kristu, ukuze Usiphendule ngokomusa wakho omkhulu. Amen.

44 Ungakhohlwa yinkonzo ngayinye. Futhi ngikholwa ukuthi indodana yami ingitshelile, ngenkathi ngingena ngemuva phandle lapha, ukuthi bekukhona isidlo sasekuseni sabefundisi ekuseni. Ngabe kunjalo na? Ekuseni. Kuhle kakhulu, ngi—ngihlale ngithanda ukuhlangana nabafowethu futhi—futhi ngikwazi ukukhuluma nabo isikhashanyana, futhi ngithole ukwazana, futhi ngivuselele ukwazana. Futhi manje, wonke umuntu khumbula manje, masenze ingxenye yethu.

45 Futhi manje, angazi ukuthi nina bantu nivamise ukuzivala ngasikhathi sini izinkonzo zenu lapha. Futhi ngezinye izikhathi. . .ngiyisithunywa senkolo, futhi ngokuvamile sifanele nje sikushaye lapho singakwazi futhi sihlale isikhathi eside ngangokunokwenzeka. Futhi—futhi bengigcina abantu kuze kube leyithi kancane, hhayi njengoba ngikwenza lapho ngisekhaya.

46 Bengisekhaya lami maduzane, futhi ngethemba ukuthi anginesabisi, ngishumayele kancane, inkonzo emfushane, amahora ayisithupha. Kodwa leyo bekungemfushane nje. Kodwa. . .Futhi kodwa, ngani ngethemba ukuthi angikwenzi

lokho lapha, kodwa ngokuvamile cishe imizuzu engamashumi amane nanhlanu, noma into efana nalokho, bese-ke si. . . uma sizoba nomugqa womkhuleko. Futhi ngakho manje, ngikhulekeleni manje njengoba sivala manje, okweZwi.

47 Manje, lona ngomncane nje, umlayezo ohlelekile esivame ukuwusekela ngobusuku bokuqala, bese kuthi-ke kusukela lapho kuqhubeke bese sibona ukuthi iNkosi izosipha ini.

48 KuJohane oNgcwele 12:20 sifunda lawa amazwi:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwabenyukela ukuba. . .emkhosini:*
>
> *Lawo aya. . .kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi,* Banumzane, *sithanda ukubona uJesu.*

UJohane oNgcwele 12:20. KumaHeberu isahluko se 13 kanye ne—isahluko se 13 kanye ne—ivesi le 8:

> *UJesu Kristu nguyena izolo,. . .namuhla, naphakade.*

49 Manje, kunesitatimende esikhulu: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, Naphakade*. Manje, lamaGreki ayelambile njengawo wonke umuntu. Isifiso sawo, ayezwile ngoJesu futhi ayefuna ukubona uJesu. Futhi angikholwa ukuthi kukhona ongakwazi ukuzwa ngoJesu ngaphandle kwalowo olangazelela ukuMbona. Ngabe kunjalo na? Manje, uma ngisho okuthile bese uthi, “Amen,” lokho ngeke kungithuse nakancane, kuzongikhuthaza. Manje, bangaki lapha abangathanda ukubona uJesu na? Asibone isandla sakho. Singathanda ukubona Yena.

50 Manje, njengoba ngenze izinkulumo-mbiko zami nje, ngikholwa ukuthi iZwi liyiQiniso. Manje, lamaGreki afika efisa ukubona uJesu, futhi akwenza, ngenye yezinceku zaKhe. Awu manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi sifisa ukuMbona, kuthiwani ngakho na? Mm? Niyabo? Lapho kubeka iZwi likaNkulunkulu kwelamanqamu. Niyabo?

51 Uma sifisa ukuMbona, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi enye yezinceku zikaNkulunkulu yangenisa lamaGreki eBukhoneni bukaJesu, khona-ke sifanele sibe nento efanayo namhlanje, uma Enguye. Manje, siyakukholwa, ukuthi Unguye njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

52 Manje, besingaMazi kanjani uma siMbonile na? Manje, uma besizothi, “Awu manje, Ubeyozehlukanisa kanjani izinwele zaKhe na? Ingabe Wayenezisongekile ezinde ezehlela emahlombe aKhe na? Ingabe Wayenezinwele ezibomvu na? Ingabe zazingemnyama na? Ingabe khona-ke Wayenazo izinwele na? Ingabe Wayenempandla na? Ingabe Wa—ingabe Wayenamehlo aluhlaza sibhakabhaka, anamehlo ansundu na? Ingabe Wayeyindoda enkulu, indoda encane na?” Ngani, sixoxa nje lokho onke amahora, futhi ngamunye unombono ohlukile. Ngakho besingeke sihlangane kulezo zisekelo.

53 Awu khona-ke, bekunganjani uma bengingathi siphumela edolobheni lapha kulobubusuku, futhi besingathola indoda empeleni ebesingathola izibazi zezipikili esandleni sayo, izandla zombili, namanxeba ameva nga*lapha*, nesibazi ohlangothini lwayo, ngaphansi nje kwenhliziyo yayo, futhi ibiyobe igqoke ingubo ende, futhi—futhi ihlangabezane nezincasiselo zethu na? Noma kunjalo lokho bekungayilokho . . . Ngempela, uma sithatha umuntu onjalo, bekungeke kube nguJesu. EkuFikeni kwaKhe kwesiBili, onke amadolo ayokhothama futhi zonke izilimi ziyovuma. Futhi lapho umzimba waKhe wenyama ubuyela emhlabeni, uyoba njengelanga likhanya lisuka empumalanga liya entshonalanga. Uyakukholwa lokho na? Impela. Bekungeke kube njalo.

54 Besiyomazi kanjani-ke uJesu na? Indlela engicabanga ukuthi besiyoMazi ngayo bekuyoba ngemvelo yaKhe, lokho Ayeyikho. Manje, uma ngizohamba ngibuze, "Ingabe iBaptisti iyakholwa ukuthi yibandla labo na? I-Presbyterian na?"

"Yebo."

"IKatolika na?"

"Yebo."

"IProtestani na? Ngakho . . . amaJuda na?"

55 "Ya." Noma yini . . . Akuwona amaJuda, isizathu awakholelwa eNkosini uJesu njengeNdodana kaNkulunkulu. Kodwa abazalwane bethu bePentecostal abehlukene, izinhlangano ezahlukene zabo, bayothi, "Yebo, kukwelethu." "Kukwelethu," kanjalonjalo. Kodwa manje, ake sithi nje lokho kuhle, lokho kukubo bonke. Asikukholwe nje.

56 Kodwa manje, impela, kunomningi kakhulu umehluko ukuthi bekufanele kube nendlela ethize yokusho, ngokuyikho, lokho Ayikho, niyabo, ngokuba iBhayibheli lathi Unguye.

57 Ngakho omunye wabo uthi, "Sikholelwa ekushoni i . . . ukuphindaphinda imikhuleko." Omunye uneHubo lokubonga; omunye unesivumokholo esithize abahamba ngaso. Omunye uthi, "Ngiyakholwa uma ukhuluma ngezilimi lokho bekungaba nguYe." Omunye wathi, "Ngiyakholwa uma usina eMoyeni lokho kuyoba nguYe." Futhi sinazo zonke izinhlobo zemizwa nakho konke okunye.

58 Kodwa, bese kuthi-ke kulokho kukhona ukungavumelani okunjalo, omunye uzothi, "Awu, angikholwa ukuthi wenza *lokhu*," futhi omunye uthi, "Ungakwenzi . . . " Kodwa bekufanele kube nendlela ethize esingafika ngayo endaweni ukuze sazi, ngempela, ukuthi UnguBani nokuthi UYini. Niyabo, bekufanele kube ndawondawo. Niyabo?

59 Omunye uthi, "Awu, ngamemeza," omunye uthi, "ngasina eMoyeni," omunye uthi, "ngakhuluma ngezilimi." Lezozinto zikahle, zilungile. Kodwa nokho, niyabo, kubangela u—

umehluko. Omunye uthi, "Ngikuthole *ngale*ndlela," omunye uthi, "ngikuthole ngikhala," omunye uthi, "ngikuthole ngokugodola, ukuqhaqhazela," omunye uthi, "ngibone ukukhanya," nomunye... Niyabo, kunomehluko omningi kakhulu, bekufanele kube nendlela ethile ebesizokwazi ngayo ngokuqinisekile, ukuze kungabikho- mbuzo ezingqondweni zethu. NeBhayibheli lathi Unguye, ngakho bekufanele kube nendlela ethize yokwazi. Anicabangi kanjalo na? Ngicabanga ukuthi bekufanele kube nendlela ethile yokukwazi.

60 Manje, angikholwa ukuthi iBhayibheli lasho lezozinto, futhi lenza lezozithembiso ngaphandle kokwazi ukuzigcwalisa. Awukukholwa lokho na? U-Abrahama, esiyiNzalo yakhe, "Uma sikuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama," futhi u-Abrahama wayeqiniseke ngokugcwele, kwabaseRoma 4, ukuthi Wayekwazi uku—ukugcina, noma ukwenza, lokho Ayethembise ukukwenza. Futhi uma uNkulunkulu enza isithembiso futhi angami emva kwaso, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Futhi uma Enza isithembiso, Uyakwazi ukusisekela kungenjalo Akasoze enza isithembiso.

61 Manje, ngi—nginesiphelo, futhi Akanasiphelo, ngakho Angeke enze iphutha, ngingalenza, wena ungalenza, abafowethu bangalenza, sonke singawenza amaphutha, sinesiphelo. Namuhla, uma ngingazi ngaphezu kokuba ngenzile ngonyaka odlule, angisathuthuki, kodwa uNkulunkulu angeke athuthuke, ngoba Uphelele kwasekuqaleni, futhi zonke izinqumo ziphelele.

62 Manje lalelani, uma uNkulunkulu eke wabizelwa enkundleni ukuba enze isinqumo, lapho Enza lesosinqumo lokho kuyakuxazulula Phakade, Angeke aphinde abuye futhi athi, "Benginephutha lapho." Futhi uma Engenzi, isikhathi ngasinye, ngendlela Enza ngayo ekuqaleni, Wenza ngokungalungile ekuqaleni. Niyabo, Uphelele. Ngakho-ke uma Eke wabizwa uku—ukwenza noma yini, futhi isinqumo saKhe esake senziwa, lokho kuxazululiwe kuze kube phakade, Phakade.

63 "Kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kodwa leloZwi alisoze lehluleka," ngoba Liyingxenye kaNkulunkulu. Niyakubona na? Ngakho-ke bheka, lapho uNkulunkulu abizelwa enkundleni ukuba asindise umuntu olahlekile, indlela yaKhe yokuqala yokuletha lowo muntu ensindisweni kwakungegazi, Akakaze akuguqule.

64 Amadoda asindisiwe kuphela... Yinye kuphela indawo yenhlanganyelo noNkulunkulu, futhi leyo ingaphansi kwegazi elichithiwe. Akukaze kube ngesivumokholo, akukaze kube ngebandla, akukaze kube ngenhlangano, akukaze kube ngesizwe, kungegazi. U-Israyeli wahlangana ngaphansi kwegazi elichithiweyo, sonke isikhathi, futhi sisalokhu sihlangana ngaphansi kweGazi elichithiwe, uma singakwenzi, angeke sibe nenhlanganyelo. Kunjalo.

65 Thina...Inhlanganyelo ibuyiselwa kuNkulunkulu kuphela ngeGazi, ngokuba uhlanga lwabantu lungahlangana kuphela noNkulunkulu njengoba uMhlatshelo weGazi umile lapho ngenxa yakhe. Amen. Lokho kusinika isiqiniseko, ukuzwakala, hhayi okuthize okuyinganekwane okwaprofethwa ngezinsuku zokugcina lapha, konke kuzofika e...nxazonke, nazo zonke izinhlobo zezinto. Kodwa sikholwa ukuthi iZwi liyiQiniso likaNkulunkulu, ngakho-ke Alisoze lehluleka. Futhi isinqumo sikaNkulunkulu sokuqala kwakungukusindisa umuntu ngegazi elichithekileyo, futhi Wayezo...wonke umuntu oke eze kuNkulunkulu uza ngaleyondlela efanayo ngasosonke isikhathi.

66 Futhi ukulungiselela kukaNkulunkulu ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakusesisekelweni sokukholwa, futhi yileyondlela Abaphulukisa ngayo kulobubusuku, yisisekelo sokukholwa. Akunandaba ukuthi indoda inkulu kangakanani...Uma uKristu, qobo lwaKhe, wayemi lapha, epulpiti, nalesudi Anginika yona, uma Ubemi lapha egqoke lesudu, Ubengeke akuphulukise, lutho nhlobo; Usevele ukwenzile. Angahle enze okuthile ukuze akukholise, noma akubhekise eZwini, futhi lokho bekunganelisa, futhi Angakhombisa ngesiphiwo esithile sobuNkulunkulu ukuthi WayenguKristu, kodwa Ubengeke akuphulukise, ngoba Usevele ukwenzile.

67 Ungayihlenga kanjani noma yini ngemva kokuba isivele isihlengiwe na? Amen. Lokho...Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uma ukuhlengwa kuqediwe, kuqediwe. Uma benginommese wami ezansi lapha esitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, bese ngithenga ummese ngiwubuyise, futhi ngikhokhe inani, futhi—futhi ngithole ithikithi, futhi awu izongikhokhisa kanjani futhi leyo ndoda ngakho futhi na? Nginayo irisidi yayo, usuvele uhlengiwe.

ngithi, "Ngifuna ukuhlenga ummese wami."

"Uphethe irisidi esandleni sakho." O, he!

68 Futhi lapho noma yimuphi owesilisa noma owesifazane eza kuKristu ekugcwaleni kwesiqiniseko sokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, futhi ungowemukela okuthile efeni kuzo zonke izibusiso ezihlengayo uJesu azifela, futhi yena u... Ukunika ibhuku lesheke elineGama likaJesu elibhalwe phansi kuzo zonke, "Celani noma yini kuBaba eGameni laMi... Uma nihlala kiMi namaZwi aMi kini, celani enikuthandayo, niyokwenzelwa." Awutholi nje...Uyesaba ukushintsha isheke, ungakwenzi.

69 Bengihlale ngithi ngihlangana nezigaba ezimbili zabantu, ezikhathini zami emhlabeni jikelele, emsebenzini wobuthunywa benkolo. Ngi—ngihlangana nezigaba ezimbili zabantu, esinye sazo yiPentecostal, esinye ngesiqavile. Oqavile ngokwendawo uyazi lapho emi khona, ukuthatha ngeZwi, "Ngiyindodana

kaNkulunkulu ngokuvuma kwami." Niyabo? Uthatha ngokwendawo lokho kuma, kodwa a—akanakho ukukholwa kulokho akukhuluma ngakho. IPentecostal inenqwaba yokukholwa, kodwa akazi ukuthi umi kuphi, akazi ukuthi ungubani.

70 Kunjengendoda inemali ebhange, futhi ayikwazi ukubhala isheke, futhi enye ingalibhala isheke, futhi ayinayo imali ebhange. Uma ubungahle uthole lawo womabili ndawonye! Uma bengingathola ukukholwa kwePentecostal ne—ne—nemfundiso yoqavile, noma—noma ngokuphambana, ngenze amaPentecostal abone ukuthi angobani! Angamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, asevele afile, ambelwa, avuka futhi, futhi ahlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, hhayi ukuthi "Uzobakhona." "Ukhona."

71 Ngezinye izikhathi ngiyacabanga...Ngolunye usuku kwenzeka ngashaya okuthize okuzwakala kakhulu kakhulu kimi, futhi akuvamile ukuthi ngike ngishaye noma yini engenza noma yini ngayo. Kodwa bengicabanga, ngaphambi nje kokuba ngifinyelele phansi ukuze ngithole lokhu, lokho engizama-... engizozama ukukusho kini, Bengicabanga ngo-Israyeli ezansi eGibhithe. Futhi babeyizigqila, futhi nokho babengabantwana bakaNkulunkulu. Sonke siyayazi indaba.

72 Futhi bona...Uma babebajikijelela isinkwa esibunjiwe, babefanele basidle, uma bedlwengula amadodakazi abo, uma bebulala amadodana abo, kumbe noma yini abayenzayo, kwakuvele kwenziwe, babeyizigqila. Futhi nokho babengabakhethiweyo, abakhethiweyo bakaNkulunkulu, benesithembiso esilindile kuze kufike isikhathi sokugcwaliseka. Kodwa kwafika usuku, base beqhele kakhulu kukho, baze bangakubona, babengazi ukuthi isikhathi sifika nini; kodwa uNkulunkulu uhlala esigcina isikhathi.

73 Manje, yileyo indaba ngamaPentecostal namhlanje, awaqondi ukuthi isikhathi sesifikile. Isikhathi sesifikile, isithembiso sikaNkulunkulu ukuba sigcwaliseke.

74 Manje, ngolunye usuku, ogxoba ephuma ehlane, kufika umprofethi neNsika yoMlilo phezu kweyakhe...phezu kwakhe, imhola. Wenza izimangaliso nokunye nokunye, futhi wabatshela ukuthi kwakukhona izwe elaligeleza ubisi nezinyosi. Akekho ongakaze abe lapho, akekho kubo, babezwile nje ngalo, "Ukukholwa kufika ngokuzwa." Ngakho basuka bahamba, nalomprofethi, badabula ehlane.

75 Futhi bafika endaweni ethiwa iKadeshi-barineya. Lokho kwake kwaba yisihlalo sokwahlulela somhlaba. Futhi lapho ngenkathi u-Israyeli ekanisile...Futhi yilapho okwakuhlulelwa khona, nesono. Futhi uJoshuwa, iqhawe elikhulu, negama elithi *Joshuwa* lichaza ukuthi "Jehova Msindisi," leliqhawe elikhulu lawela eJordani, akekho noyedwa kubo owake waba khona

ngaphambilini, wawela iJordani waya kulelizwe lesethembiso, futhi wabuya nobufakazi bokuthi kwakuyizwe elihle, futhi kwakuqinisile.

76 Wayenzani na? Eqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, niyabo, ekhombisa ukuthi lokho uNkulunkulu ayekuthembisile, uNkulunkulu ayekwenzile. Niyabo, isivumelwano asinambandela.

77 UNkulunkulu wenza izivumelwano ezintathu, esisodwa no-Adamu, wasephula; esinye noNowa, futhi kwaku... sephuka; kodwa ngenkathi uNkulunkulu enza isivumelwano no-Abrahama, kwaba ngukuthi "Ngizo," hhayi, "Uma uthanda," Wathi, "Ngine," kuyisivumelwano sikaNkulunkulu esingenambandela Asenza no-Abrahama neNzalo yakhe. Futhi siba yiNzalo yakhe lapho sesifile kuKristu.

78 Manje qaphelani, futhi kulesisikhathi esikhulu, ngenkathi ebuyisa ubufakazi, U-Israyeli wahamba wawelela ezweni, futhi lapho kwakungadingeki babe ngaphansi...izigqila. Babengaba nezingadi zabo, futhi bakhulise abantwana babo, futhi bakhulise amabandla abo, nakho konke. Kodwa ekugcineni ukuguga kwababamba, emva kwesikhashana kulelozwe elithandekayo lesithembiso kwakukhona amatshe amathuna emagqumeni yonke indawo.

79 Khona-ke phansi kusuka eNkazimulweni kwehla iQhawe elikhulu kunawo wonke, omunye uJehova Msindisi, uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi Wathi kukhona ukuPhila emva kokufa, lapho okungekho khona amatshe amathuna namathuna, "Ngokuba eKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Ukube bekungenjalo beNgizonitshela. Futhi Ngizohamba ngiyolungisa indawo, bese-ke ngize futhi nginamukele kiMina uqobo."

80 Ufika ukuzosindisa isintu esifayo, futhi Wafika eKadeshi-barneya yaKhe, iKalvari, ukwahlulela, lapho, kungesiso isihlalo sokwahlulela sezwe kuphela, kodwa Wahlulelwa ngezwe. Lapho Wathwala ububi nezono zethu sonke eKalvari, futhi Wafa, kwaze kwathi ilanga nenyanga nezinkanyezi kwangakhanya. Futhi Wawela iJordani, esiyibiza ngokuthi iJordani, "ukufa." Kodwa ngalolosuku lwesithathu Wavuka futhi, ebuyisa ubufakazi njengoba kwenza uJoshuwa, "IZwe likhona. NginguYe owayefile, futhi ngiyaphila kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nesihogo." Akafile, Uvukile.

81 Khona-ke sinesibambiso sefa lethu, Utshele iBandla, "Khuphukela lapho ePentekoste, phezulu e—e...izinsuku eziyishumi phezulu eJerusalema, linda phezulu lapho *isikhathi eside kangaka*. Ngizokuthumela isibambiso saleliZwe elikhulu." Futhi siyazivuma izono zethu, futhi siyafa kithina uqobo, futhi sivuka kanye naYe, futhi sinobufakazi.

82 Buka lapho besikhona, buka lapho esikhona. Amen. Niyabo, sake saba phansi *lapho*, manje siphezulu *lapha*, sesivele sibambe ubufakazi bokuthi sifile futhi sambelwa kuKristu, futhi savuka futhi ovukweni, futhi sihlezi, kulobubusuku, naYe ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. O, he. Wonke udeveli, konke ukugula, zonke izifo, yonke into inqotshwe nguYe. Uyilowo mnqobi onamandla. Akusadingeki ukuthi siphinde sinqobe, sekuvele kunqotshiwe. Sesivele sifile, sesivele sivukile, amen, sesivele sivukile kwabafileyo.

83 Bangaki phakathi lapha ozwa ngaleyondlela kulobubusuku na? Buka lapha nje. Usuvele uvukile kwabafileyo, nake nafa ekungabazeni, iziphambeko, nangabaza iZwi likaNkulunkulu, naLingabaza ukuthi liyiqiniso.

84 Manje, wena uthi, "Abanye abantu bayakholwa nje, bavele bayeke ukweba, bayeke ukuqamba amanga." Lokho—lokho akusiwo amaKristu, lokho ngabantu nje abazenzisayo. Kuhlala kukhona izigaba ezintathu zabantu, yonke indawo, lowo abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo. Unabo kuwo wonke amaqembu, ba—bahlala bekhona. Ngakho abantu nje . . . Kodwa ukuvuma, khuphuka, uthi, "Awu, ngayivuma kudala inkolo." Usizi. Niyabo?

85 Into ofuna ukuyenza ngukufa kuwe uqobo, bese umbelwa kuKristu, futhi uvuswe naYe ekuvukeni kwaKhe, futhi uhlezi manje ezindaweni zaseZulwini. Niyabo? Khona-ke ukungakholwa kwakho kuyadlula.

86 Ungahlala kanjani uMoya kaNkulunkulu kuwe, futhi uphike iZwi, lapho uMoya kaNkulunkulu waloba iZwi na? Niyabo, angeke ukwenze. Uma uphika iZwi, kunento ethize kuwe ekutshela ukuthi Akunjalo, khona-ke lokho ukungakholwa, usesesonweni. Bukani labobapristi nabaFarisi, ukuthi babekholwa kanjani, amadoda angcwele, njengoba singakubiza namuhla, noJesu wathi, "Nina ningababakayihlo udeveli, nemisebenzi yakhe niyayenza." Ini? Ukungabaza iZwi. "Nithatha amasiko enu, futhi nenza imiyalo kaNkulunkulu ize." O!

87 Ukuba Ubelapha kulobubusuku, bekungaba yinto efanayo, amasiko ethu enze iZwi likaNkulunkulu langaba namsebenzi kubantu. Sifanele sibuyele kuleloZwi, sibuyele kuLo.

88 Ngiyaxolisa, bangane bami abangamakhaladi, ngishumayela kubo kuyo yonke indawo, kodwa udade osekhulile wanikeza ubufakazi esikhathini esingeside esidlule kowodwa . . . umhlangano, wathi, "Mina ufuna ukwenza ubufakazi."

"Kulungile, Dadewethu. Qhubeka."

89 Wathi, "Ngifuna ukusho lokhu: Angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho, futhi angisikho lokho engifuna ukuba yikho, kodwa kunento eyodwa engiqinisekile, angisikho

lokho engangivamise ukuba yikho.” Ngakho ngicabanga ukuthi lowo umqondo omuhle. Niyabo? “A—a—angisekho ezansi *lapho*, futhi angilungile gendlela engifuna ukuba ngayo, futhi angimuhle ngendlela ebengifanele ukuba ngayo, kodwa nginesiqiniseko sento eyodwa, angisekho nhlobo ezansi *lapho*.” Lolo ulwazi-nzulu oluhle. Yebo, mnumzane. A—angisikho lokho engangivamise ukuba yikho. Kunjalo.

90 Manje, besiyobhekani kuKristu khona-ke na? Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, sizofanele sithole ukuthi Ubeyini izolo ukuze sazi ukuthi Uyini namuhla. Ngabe kunjalo na? Ngokuba, ngingahle ukuba ngikushilo kulamazwi agawuliwe ukuthi Ungu—Unguye, iBhayibheli lakusho lokho, futhi ngizama ukunitshela ukuthi uNkulunkulu ongenasiphelo angeke aguqule indlela yaKhe, Uzofanele ahlale enguye. Ngakho-ke, lokho Ayeyikho . . .

91 Manje, lokho kwakusezinsukwini zikaPawulu, ebhala iNcwadi yamaHeberu lapha, sikholwa ukuthi nguPawulu, futhi Wayetshela lawomaHeberu ukuthi uJesu Kristu ubenguye izolo. Manje, siyazi ukuthi uJesu Kristu wayenguYe O—Owakhipha abantwana bakwa-Israyeli eGibhithe, siyakukholwa sonke lokho. INsika yoMlilo, KwakunguKristu, impela Yiyinjalo. IBhayibheli lathi kumaHeberu 11 lapha, ngiyakholwa, lokho “UMose wathi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunemicebo yaseGibhithe.” Niyabo? Walandela uKristu, futhi noma ubani uyazi ukuthi leyoNsika yoMlilo, ukuKhanya, eyathatha u-Israyeli ehlane kwakuyiNgelosi yeSivumelwano, okwakunguKristu.

92 Uma nizoqonda, Waye . . . Lowo kwakunguNkulunkulu phezu kwethu, kwase kuthi-ke, lapho eba yinyama futhi wakha phakathi kwethu, uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe, futhi manje UseBandleni, niyabo, niyabo, “onguye izolo, namuhla, naphakade.” Niyabo? Manje, qaphelani ukuthi Ubeyini izolo. “Sithanda ukubona uJesu.”

93 Manje, uma siMbone ngendlela efanayo Ayeyiyo ngaleyonkathi . . . Manje, ake sithathe . . . Sifunda kuJohane oNgcwele, futhi uJohane oNgcwele isahluko 1 lapha sathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Khona-ke kuyini na? IZwi. Uma sithola uKristu njengoba Wayenjalo izolo, Ubeyoba yiZwi likaNkulunkulu, ngoba “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Manje, Uzoba yiZwi likaNkulunkulu.

94 Ngenkathi Elapha emhlabeni Wayephelele kakhulu ngakho, eneliseke kakhulu, Wathi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi

YiYo efakaza ngaMi." Amen. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Kwakungesikho lokho... Abazange bamqonde loMuntu engengaphezu komuntu ojwayelekile. Awu, ngokwenyama mhlawumbe Wayengeyena, kodwa Wazalwa yintombi, kodwa nokho, WayenguMuntu, Uyadla, waphuza, walala, kanjalonjalo njengoba senza, kodwa nokho, ngaphakathi kuYe kwakunguNkulunkulu.

95 Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." KuJohane oNgcwele 5:19, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, ngaphandle kwalokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo. Ngihlala ngenza lokho okuthokozisa uBaba." Ngani na? Akazange neze enze waze Wezwa; uBaba waMkhombisa okumele akwenze. O, ukuba nje besingalinda kanjalo, yebo, mnumzane, size sithole.

96 Niyabo, Wathi, "INdodana ayenzi lutho ngokwaYo," noma, "ingenze lutho ngaphandle kwalokho Ebona uYise ekwenza." INdodana isebenza-... "UYise uyasebenza, neNdodana iyasebenza kuze kube manje." Niyabo? Ngamanye amazwi, Wavele wenza umdlalo wasesiteji lokho uNkulunkulu aMtshele ukuba akwenze. Manje, Wayezoba yiZwi. Futhi lokho ngukuthi...

97 Ngikholwa ukuthi leliBhayibheli, leliZwi khona lapha, iBhayibheli, linguNkulunkulu esimweni sombhalo. Futhi ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiMbewu, lawo maZwi ayiMbewu. UJesu wathi, "Kwaphuma umhlwanyeli ehlwanyela iMbewu." *Lokhu* yiKho. IZwi likaNkulunkulu liyiMbewu, uJesu wathi Laliyiyo.

98 Khona-ke, uma KunguNkulunkulu esimweni sombhalo, futhi uyaLemukela enhliziyweni yakho, bese kuthi-ke uMoya oNgcwele unisela leyoMbewu, Iveza lokho eKwethembisile. Futhi noma yiluphi uhlobo lwembewu oluhlwanyelayo, luzoveza lolohlobo lwesitshalo. Kunjalo impela. Sihlwanyelile, kulemvuselelo enkulu edlulayo, inqwaba yembewu yobuhlakani, sinesitshalo sobuhlakani. Kunjalo. Uma besiyohlwanyela iMbewu yeVangeli, besiyoba nesiTshalo seVangeli. Futhi sidinga ukubuyela emigomweni, nokufundisa kweBhayibheli, kubuyelwe eBhayibhelini, kubuyelwe kuMoya oNgcwele phezu kweZwi likaNkulunkulu elenza iZwi likaNkulunkulu liphile. Yilokho kanye okwakuyikho.

99 Manje, WayeyiNdodana kaNkulunkulu ngenkathi Ezalwa. Kodwa lapho Ebhaphathizwa nguJohane eJordani, babona uMoya oNgcwele wehla njengejuba futhi wahlala phezu kwaKhe. Futhi Yena eyiZwi, khona-ke iZwi liqala ukuzikhomba. Amen. IZwi liqala ukuZibonakalisa. Kungani na? UMoya oNgcwele wawuphakathi lapho ukhuluma iZwi likaNkulunkulu.

100 Manje, sithola ukuthi kumaHeberu, isahluko se 4, ivesi le 12, iBhayibheli lasho ukuthi "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lihlukanisa," nokunye nokunye, "futhi LaHlulela imicabango yenhliziyo," amaHeberu 4:12. "IZwi. . ." Manje, ningakukhohlwa lokho manje, sizokudinga emva kwesikhashana. "IZwi, iZwi likaNkulunkulu laHlulela imicabango yenhliziyo."

101 Manje, uDuteronomi 18, uMose, umprofethi omkhulu, umpristi, nenkosi, noma ngabe wayeyini, owahola u-Israyeli, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Kuyokwenzeka ukuthi lowo ongayikumuzwa lowo Mprofethi uyofanele anqunywe."

102 Niyakhumbula ngenkathi uJohane efika na? Kwase kuyiminyaka engamakhulu amane selokhu baba nomprofethi, kusukela kuMalaki. Futhi lapho uJohane esefikile, wanyakazisa isifunda. Futhi beza kuye futhi bathi, "Uyilowo mProfethi," niyabo, "loyo ozofika na?"

Wathi, "Angisuye. Kodwa Uyeza emva kwami."

103 Manje, uJohane wayeshumayela nje. Niyabo? Wayengumprofethi, kodwa u—umshumayeli weZwi ungumprofethi. Kodwa u-Israyeli njalo wayefundiswa ukukholwa abaprofethi babo, ngokuba iZwi leNkosi liza ku, ini na? Umprofethi. Kunjalo. "IZwi leNkosi lafika kumprofethi u-Isaya." "IZwi leNkosi lafika kumprofethi uJeremiya." IZwi leNkosi lafika kubaprofethi.

104 AmaHeberu 1, "UNkulunkulu, endulo wakhuluma kokhokho ngabaprofethi ngezindlela eziningi. Ngalolusuku lokugcina, ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu." Qaphelani, Beza kubaprofethi, no-Israyeli wafundiswa ukuba akholwe abaprofethi babo.

105 Abaningi benu bayamazi uLewi Pethrus, umngane wami oqondene impela, wathumela cishe isigidi samaTestamente eLisha ezansi, ngenkathi bekhuphula lawomaJuda evela ezansi e-Iran, bewanika lamaTestamente eLisha. Uyalazi iTestamente lamaJuda, ufunda ukusuka ngemuva uya phambili, futhi lamaJuda efunda Lokhu, awazange ezwe ngento ebizwa ngokuthi uJesu enguMesiya.

106 Babethathwe ezansi lapho ekuthunjweni kwamaRoma. Babeyolima nge. . .Nikubone kwiphephabhuku i*Look* lapha, eminyakeni embalwa edlule, nalapho bebuya. Futhi nginaso isithombe sakho, bonke bebuyela phakathi. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi besiyokuphonsa esikrinini ngobunye ubusuku, futhi sinibonise. Sikubiza. . .Sikubiza ngokuthi *Imizuzu Emithathu Kuze Kube Phakathi Kwamabili*, sibone lamaJuda ebuya, betete abathandekayo babo, besuka ezindizeni, kanjalonjalo. Bathi. . .Bathi, "Ingabe niza ekhaya, ezweni lendabuko, ukuzofa na?"

Wathi, "Sizela ukuzobona uMesiya."

107 Mm, he! "Lapho lowomkhiwane uveza imiqumbe yawo!" Nango, isizwe esinemali yaso nakho konke okunye, uhlobo lwemali, ibutho laso uqobo, nakho konke, okokuqala iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu. Niyabo? UJesu wathi, "Lapho usibona sikhipha leyo miqumbe. . . " Manje sisesikhathini sokuphela.

108 Qaphela. Manje, babe. . .Lapho beyogibela lezo zindiza, babengeke, babezesaba lezozindiza. Ngakho uRabi wababiza, wathi, "Khumbulani, umprofethi wethu wathi siyoyiswa ekhaya ngamaphiko okhozi." Kwakuyilokho-ke, indiza. Ngakho bayafika. Futhi nabo, behlezi ezweni labo lendabuko namhlanje. Bayabakholwa abaprofethi babo.

109 Manje, ngakho-ke, ngenkathi uMesiya wayezofika Wayezoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Wayezoba ngumProfethi kunezelwe, ngaphezu komprofethi, kodwa Wayezokwenza imisebenzi yomprofethi.

110 ULewi Pethrus, ngenkathi ethumela lawomaBhayibheli ezansi lapho. . .Wathi, "Uma loJesu wayenguMesiya, khona-ke Akafile, kepha Uvukile futhi, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi, futhi sizokukholwa." O he, ngenkathi lokho kwenzeka, abeZizwe sebephelile, futhi niyakwazi lokho. Nonke nina bafundi beBhayibheli niyakwazi lokho. Leso yisikhathi sokuphela khona lapho. . .Ake nje lawomaJuda akuthole futhi, ngakho. . .Into nje ephelele okwesikhathi esincane nje sokuphumula manje. Sisavula iminyango, uNkulunkulu una—abeZizwe bemukela ukuphumula okuzayo, ukuba kufike, iminyango yesihawu.

111 Manje, ake sibone ukuthi Wayeyini. SiyaMthola ngaleyonkathi eyiZwi, ebhaphathiziwe, waya ehlane, waphuma emva kokulingwa izinsuku ezingamashumi amane, udeveli. Futhi masinyane U—Uyaqala. . .Udumo lwaKhe luqala ukusabalala. Nokho, Yena. . .ngicabanga ukuthi Wayengeyena u—umfundisi owayengaba. . .ezwa iPhimbo laKhe njengelethu phandle emgwaqeni, kanjalonjalo, kodwa kwakukhona okuthize ngaYe okwakwehlukile.

112 Futhi siyaqaphela, kwathi nje Eseqale inkonzo yaKhe, kwakukhona oyedwa ogama lakhe lingu-Andreya, uJohane oNgcwele lapha, oyedwa. . .Ngihlala ngqo kuJohane oNgcwele onke amanothi ami okwamanje nje. Oyedwa, ogama lakhe lingu-Andreya, wahlala naYe ubusuku bonke, futhi wayenelisekile ngempela ukuthi WayenguMesiya, uya ngale kuSimoni. Manje, uma noma yini-. . .Lowo ngumfowabo.

113 Uma noma ubani oke wafunda umlando kaPetru no—no-Andreya, njengoba sibazi, uyise wabo wayeyikholwa elikhulu, watshela labobafana, "Ngelinye ilanga. . .bengi—bengihlala ngicabanga ukuthi ngizombona uMesiya." Wonke umJuda

ubelokhu ekulangazelela lokho kusukela e-Edene. Futhi ngakho bathi, "Sine...Thina...Ngelinye ilanga uMesiya uyofika. Bengicabanga ukuthi bengingeke...ngiMbone, kodwa mhlawumpe ngiyaguga futhi ngeke. Kodwa, bafana, ngaphambi nje kwalowoMesiya ozayo, khumbulani, kuzobakhona inqwaba yezinto eziyovela."

114 Kuhlala njalo kufika omesiya, siyakwazi lokho, yonke indawo, basenabo yonke indawo, omesiya. Awu, uma bonke omesiya bamanga bevela, kukhombisa ukuthi kufanele kubekhona uMesiya weqiniso ndawondawo. Ngaphambi kokuba kubekhona idola mbumbulu, kuzofanele kube khona elilungile ukuba lenziwe ngalo, yingakho liyilo mbumbulu.

115 Qaphelani, watshela amadodana akhe, wathi, "Manje, ningakhohlwa, hlalani nomBhalo. UMesiya, ngokukaMose, lowo esasimlandela yonke leminyaka, wathi, 'INkosi uNkulunkulu wethu iyosa umProfethi phakathi kwethu.' Uyoba umprofethi, uMesiya ngeke abe nje isifundiswa, umfundisi, umpristi omkhulu othize, isikhulu esithize, kodwa Uyoba ngumprofethi." Manje, sizoMzingela manje, cishe imizuzu eyishumi nje manje, ngaphambi kokuba siqale ukukhulekela abagulayo. "Uyoba ngumprofethi."

116 Futhi u-Andreya uyahamba futhi ufumana uSimoni, umfowabo ongumdobi, futhi wathi, "Woza, ubone ukuthi uBani esimtholile. Simtholile uMesiya!"

Sengiyabona uSimoni ethi, "O, yebo. E-hhe. Sibe nabo yonke indawo."

117 Kodwa uyeza unyukela eBukhoneni bukaJesu, futhi kwathi uJesu embona eza, Wathi, "Yiba..." wakhuluma naye futhi wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona."

118 Lokho kwakuthola. Wazi ngaleyonkathi ngqo. Wayengazi kuphela ukuthi wayengubani, kodwa Wayemazi lowobaba wakhe omdala owesaba uNkulunkulu, "Wena unguSimoni, indodana kaJona." Khona lapho, kuPetru lowo kwakunguye loMesiya, ngoba Wayekufakazisile impela lokho umBhalo owathi Uyoba yikho.

119 Hhayi ngoba Wayegqoke kahle, eneziqu ezi*ningi kangaka* ephuma ekolishi, wakhuluma amaZwi aKhe ngesizotha, waba nomthelela omkhulu phakathi kwabantu, lowo bekungeke kube ngumprofethi. Abaprofethi bazondwa kakhulu, futhi ngakho... Abantu ababathandi. ISambulo 11 sathi lapho bobabili... Izizwe zabazonda labobaprofethi, bebelokhu bekwenza.

120 UJesu wathi, "Yinina enakhanda abaprofethi ngamatshe, futhi nacaka amathuna abo," wathi, "yinina enabafaka lapho. Yimuphi kubaprofethi uNkulunkulu amthuma eningamkhandanga ngamatshe na?" Bahlala bephambene futhi bephikisana nezinqubo zenkolo zosuku. Futhi sithola ukuthi bagqama ngesibindi, futhi nangu uJesu emi phandle

lapho. Futhi babonile, nokho, ukuthi Wayenza isibonakaliso somprofethi, noSimoni wathi . . . wavuma ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu.

121 Kwakukhona oyedwa omile lapho, ogama lakhe linguFiliphu, amavesi ambalwa ngqo ngezansi kwalo lapha, UFiliphu, futhi wayenomngane. Uma wake wafunda ngempilo kaFiliphu, wayenomngane, ababehlala futhi babenezifundo zeBhayibheli ndawonye. Siyakwenza lokho izikhathi eziningi, sihlale futhi sifundisise ngezinto ezahlukene. Nabefundisi, nabazalwane, namalunga avamile, sonke siyalifunda iBhayibheli, sithole iBhayibheli lethu ekhaya. Amasoka, nezintombi, uma bengamaKristu, nendoda nomfazi, sinezifundo zeBhayibheli ezincane.

122 UNathanayeli noFiliphu babekade befundisisa imiBhalo egoqwayo ndawonye, futhi babenelisekile, ngoba bobabili babengamakholwa, ukuthi uMesiya waye . . . kwase kuyisikhathi saKhe sokuthi afike. Ngakho lapho uFiliphu ebone lokho kwenzeka, wazungeza igquma ukuze athole uNathanayeli.

123 Manje, uma uzokumaka, uma uke waba lapho, ukusuka lapho uJesu ayeshumayela khona ukuya lapho athola khona uNathanayeli, kulesosixhobo semithi, kwakungaba amamayela ayishumi nanhlanu. Mhlasimbe wahamba usuku olulodwa futhi wabuya ngolulandelayo. Futhi wathola uNathanayeli, siyayazi indaba, wayephandle engadini yakhe yezithelo ekhuleka, futhi ngaphansi kwezihlahla zomkhiwane ekhuleka.

124 Futhi sengathi ngiyabona ngibona uNathan- . . . UFiliphu, emi lapho elindile waze waqeda ukukhuleka. Futhi mhlawumbe wayekhuleka into enje, "O Nkosi, silungele uMkhululi. Nkosi, besisekuthunjweni kwamaRoma sonke lesisikhathi, abantu baKho bayahlupheka. O Nkulunkulu, ba . . . bonke baphambukile, futhi kubukeka sengathi amabandla wonke ehlisile. Siyakhuleka, O Nkosi, sithumele uMkhululi, sithumele uMesiya, besiMlangazelele. Sikhulekile futhi lapha i—izinsuku ziyadlula manje kimi, futhi bengifuna ukubona uMesiya. Amen."

125 Ngenkathi esukuma, uFiliphu wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimtholile." Hhayi ukuthi, "Uzizwa kanjani na? Izinkukhu ziqhubeka kanjani, namaqanda akahle na? Futhi zinjani izinkomo zobisi na?" Qhabo, qhabo. "Injani ingadi yomnqumo na?" Qhabo, ngokuqondile. Yileyo inkathazo namhlanje, sinenqwaba yombhedo exutshwe nobuKristu. Uqonda ngqo ephuzwini, "Woza uzobona ukuthi ngubani esimtholile, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa." Yileyo indlela yokuthatha umlayezo.

126 Manje, asikwenze *umdlalo wasesiteji* kancanyanyana ukwenzela abantwana. Singiyambona uNathanayeli, isifundiswa somBhalo, niyazi, wasukuma, wathi, "Manje,

Filiphu, wena nami sesifundisise imiBhalo iminyaka eminingi, kusukela sisengabafana siphuma esikoleni. Futhi kufanele ukuthi uhambe waphumela ekupheleni okujulile endaweni ethize," njengoba besizokusho namuhla. "Uqonde ukuthini, isifundiswa njengoba unjalo emiBhalweni na? Futhi—futhi uyothi, 'Simtholile uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa, enguMesiya'? Ngani, akunakwenzeka, akukho okuhle okungaphuma lapho."

127 Manje, yena . . . ngicabanga ukuthi umnikeza impendulo enhle kakhulu, akashongo ukuthi, "Hlala ekhaya ugxeke." Wathi, "Woza, uzibonele." Niyabo? Woza uzozitholela wena. "Woza uzobona."

128 Singiyababona behambisana emgwaqeni ngosuku olulandelayo. Ngani, sengiyamuzwa uNathanayeli ethi, noma, uFiliphu ethi kuNathanayeli, "Uyazi ukuthini? Uyamkhumbula lowo mdobi omdala ongazi lutho . . . ?"

129 Manje, uyakhumbula, uPetru, umbhishobhi, ukubusa ezindabeni ezingcwele kwebandla lokuqala, wayengenayo imfundo eyanele ukuze asayine igama lakhe uqobo. IBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi lutho futhi engafundile. Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu, ngokukholwa kwakhe, ukuqonda ukuthi WayeNgubani. Niyabo? Waze wamnika nezihluthulelo zoMbuso . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngaphandle kwemfundo eyanele yokusayina igama lakhe.

Sengiyamuzwa ethi, "Uyamkhumbula lowo mdobi omdala owathenga leyo nhlanzi kuye ngalesosikhathi na?"

130 "O, yebo, ba—bambiza ngoSimoni. Yebo, ngiyakhumbula, ngangimazi ubaba wakhe, uJona. Impela. Wayevamise ukuba ngumFarisi omdala enhla lapho, idikoni ebandleni, uyazi," kanjalonjalo.

"Ya."

"Uyakhumbula, wathenga lezo zinhlanzi, futhi akakwazanga ukusayina leyorisidi."

"Yebo."

131 "Wenyukela phambi kwalomfo, uJesu, lomProfethi osemusha waseGalile, futhi Wamtshela ukuthi lalingubani igama lakhe, futhi wamtshela ukuthi uyise wayengubani. Uyakhumbula ukuthi kanjani . . . ? Ngani, bekungeke kungimangaze uma Engangitsheli ukuthi ubani . . . tshele ukuthi ungubani lapho ufika lapho."

"O, uma ngingakubona lokho!"

132 "Manje, siyazi ukuthi sobabili sawufundisisa umBhalo. Siyavumelana ukuthi uMose, sifanele sithathe izwi lakhe, ngoba wayeyisigxobo sesibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu, futhi wathi lapho uMesiya efika Uyoba ngumprofethi. Manje, sifanele nje sikhumbule ukuthi Ungumprofethi."

Futhi wathi, "O, yebo. Impela, uMesiya ungumprofethi."

"Awu, leyoNdoda yazi kanjani ukuthi uSimoni wayengubani, noma ukuthi wayengubani ubaba wakhe na? Ubaba wakhe wayekade esafa iminyaka."

Manje, wathi, "Awu, ngizovele ngihambe ngiyobona."

133 Futhi ngenkathi ekhuphukela phakathi . . . Awu, mhlawumbe uJesu wayenomugqa womkhuleko ozayo, noma mhlawumbe wenyuka futhi wahlala phansi ezethamelini, kumbe noma kwakuyini. Ngi . . . Emva kwesikhashana uJesu waphenduka, wambuka, wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Manje, wena uthi, "Awu, kusobala, indlela ayegqoke ngayo . . ."

134 Qhabo, qhabo. AbaseGibhithe, bonke babenentshebe, kanjalonjalo. "UmIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Akazange ambize ngomGibhithe, Wathi, "UmIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Wayengaba umbulali, noma inswelaboya, noma yini. Uyabo? Kodwa wathi, "Nango umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lokho kwavele kwambohlisa.

Wathi, "Rabi," okuchaza ukuthi "mfundisi," "Wake wangazi nini? Angikaze ngikubone phambilini."

135 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, Ngakubona." Kwakuyilokho-ke. Lowo kwakunguJesu izolo, phakathi kwamaJuda. Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona."

136 Lalelani, mhlawumbe umbhishobhi wayemi lapho, ngakho konke engikwaziyo, kodwa ngokushesha- . . . lokho akwenzanga mehluko kuNathanayeli, wagijima wenyuka, futhi wawela phansi ngakuYe, wayesethi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli." Amen.

Manje, bekunguJesu lowo izolo na? Yileyondlela Ayezazisa ngayo kumaJuda qobo lwaKhe na?

137 Manje, kwakukhona lawo amakhulu, aphakeme, amadoda afundile emi ngalapho efake leyomishuqulo emikhulu, okhololo abaphendulelwe, niyazi, kanjalonjalo. Bathi . . . Awu, babefanele baphendule ebandleni labo, lapho kwenziwa, ngakho bathi, "Lendoda inguBelzabule." Lowo ngudeveli, umbhuli. Niyabo? Futhi wathi, "Wenza lokho ngoBelzabule, udeveli."

138 Futhi uJesu wathi, "Ngiyakuxolela ngalokho. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uzofika uzokwenza into efanayo, nokukhuluma izwi elilodwa ngokumelene naWo akusoze kwathethelelwa." Kunjalo.

139 Manje, kukhona ezintathu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . izinhlanga zabantu. Ungahle ungafuni ukukukholwa, kodwa kukhona. Uma silikholwa iBhayibheli, bonke baphuma kuHamu, uShemi, noJafete, abantwana bakaNowa.

140 Manje, bhekisisani, ngenkathi uPetru enezihluthulelo zoMbuso, wavumela . . . washumayela ePhentekoste, amaJuda, emukela uMoya oNgcwele, nalokho okwakulapho, futhi uFiliphu wehla futhi washumayela kumaSamariya, kuphela babengakawamukeli uMoya oNgcwele okwamanje, futhi uPetru wehla, wababeka izandla, futhi bemukela uMoya oNgcwele. Kwase kuthi-ke, endlini kaKorneliyu, abeZizwe, uPetru wenyukela lapho, futhi wathunywa ngombono phezulu lapho, "Futhi esakhuluma, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo." Kwase kuthi-ke zonke izinhlanga zaba nakho, niyabo, izinhlanga ezintathu, lowo kwakungamaJuda, oweZizwe, nomSamariya.

141 Manje, oweZizwe, thina, ama-Anglo-Saxon, sasingambhekile uMesiya, sasikhonza izithixo, isagila emhlane wethu, nabahedeni, kodwa . . . kubantu bakithi. Kodwa uMesiya uyeza kuphela futhi Azazise kulabo ababheke uMesiya. Akalokothi aphushele noma ubani indlela yaKhe; ufanele uMfune. Futhi ngakho Washo . . . Wafika . . . Manje, sizokuthatha kamuva kancane, ngoba asifuni isikhathi sethu ukuthi sihambe, sisalelwe imizuzu embalwa nje.

142 Qaphelani, ngenkathi Efika, WaZazisa kumaJuda ngokuba nguMesiya, ngokukhombisa ukuthi WayengumProfethi uMose amvusa, noma, uMose akhuluma ngaye, njalo, ukuthi WayenguMesiya, ngoba Wenza isibonakaliso sikaMesiya. Futhi babazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Wabona imicabango yabo, lelo yiZwi, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, umaHluleli wemicabango yenhliziyo." Ngabe kunjalo na? Futhi WayeyiZwi, futhi nakhu la Ekhona, ehlukanisa umcabango wabo.

143 Khona-ke ngelinye ilanga Wayehlela eJeriko, lokho kwehlela ngqo kusuka eJerusalema. Esikhundleni sokuya lapho, Wayenesidingo, ukudlula eSamariya. Bhekisisani, amaSamariya ayebheke uMesiya nawo. Ngakho wafika emzini othiwa iSikari, futhi Wathuma abafundi ukuba bayothenga ukudla, futhi ngenkathi besahambile, owesifazane omncane waphuma lapho, mhlawumbe owesifazane omncane omuhle. Mhlawumbe umntwana waphendulelwa emgwaqeni ngabazali, futhi bamdedela wahamba noma kanjani, futhi cishe njenganamuhla.

144 Bakhuluma ngobuhlongandlebe bentsha, ubuhlongandlebe babazali, yilokho impela okuyikho. Mhlawumbe leyongane yayinento efanayo, umama wayevumela ukuba enze noma

yini. Yaphendukela ekubeni owesifazane odume kabi. Futhi ayikwazanga ukuphuma . . .

145 Manje, kade ngisezindaweni zaseMpumalanga, futhi ngashumayela phakathi lapho kwe . . . awu, izethameli ezinkulu kunazo zonke engake ngaba nazo kwakungamakhulu amahlanu ezinkulungwane, lokho kwakuseBombay, lapho, niyabo. Futhi—futhi lapho . . . Futhi ngi—ngi—ngiyawazi amasiko abo. Manje, ukuziphatha okubi nokuziphatha okuhle angeke kuhlangane ndawonye. Ngakho intombi . . . Awu, babengenakuphuma lapho izintombi ziselapho, ngakho yayifanele iphume kamuva. Cishe ngeleshumi nanye nqo yaphuma, mhlawumbe yayinezinwele zayo zenziwe zonke phezu kwekhanda layo, futhi—futhi yayi . . . mhlawumbe yayikade iphumile ubusuku bonke futhi, niyazi, futhi iyaphuma ukuzokha ibhakede lamanzi.

146 Futhi amabhakede abo yizimbiza, zinezibambo kuzo. Futhi bangabeka a . . . Kubukeka sengathi kimi babamba cishe amagalane amathathu kuya kwayisihlanu. Bangabeka enye yalezo zimbiza phezu kwekhanda labo, futhi babeke enye enqulwini ngayinye, futhi bahambe futhi bexoxa komunye nomunye, njengoba nje amanenekazi engenza, futhi angachithi neze ngisho iconsi lamanzi. Angazi ukuthi bakwenza kanjani, bavele bahambisane, bexoxa uyazi futhi behleka, lawo mantombazane amancanyana, engaphakeme *kangako*, ewathwele nje, cishe amagalane ayishumi nanhlanu amanzi, eqhubeka.

147 Futhi ngakho ba—banesigwedlo lapho, futhi bathatha lamahhuku bawabeke ngakulezizibambo, badedele i . . . njengembiza, sizokubiza kanjalo, bakudedele kungene emthonjeni futhi bakhe amanzi, bese kuthi-ke bekugwedla kubuyele phezulu ngesigwedlo.

148 Khona-ke, lo wesifazane uyaphuma wehlisa ibhakede lakhe—lakhe ukukha amanzi, futhi lapho ekwenza, wezwa uMuntu ehlezi phezu kohlobo lwendawo ebonakala ngasikhathisinye kanjena, ngumthombo, usekhona, futhi wathi, "Sifazene, Ngiphuzise."

149 Futhi wabheka, futhi kwakukhona ukuhlukana ezweni phakathi kwamaJuda nabeZi- . . . , noma, amaJuda namaSamariya. Ngakho bathi . . . lo wesifazane wathi, "Mnumzane, akusilo isiko kuWe, ungumJuda, ucele mina, owesifazane ongumSamariya, into enjalo."

150 Manje, Wayebukeka nje njengomJuda ojwayelekile, Wayegqoke njengomuntu ojwayelekile. Angikholwa ukuthi ufanele ugqoke ngokuxakile futhi uhluke ukuze ube umKristu, angikholwa ukuthi ufanele uziphathe ngokuxakile. Ngikholwa ukuthi wena nje—yiba nje ngumuntu, ube nje ngumKristu nje, yilokho kuphela, futhi akukho okuyinqaba. Yinto nje engaphakathi kuwe eyenzekile, uyabo, injabulo, ukujabula,

nokuthula, nokwaneliseka, ukubekezela, ububele, ukuthula; abantu bangakhuluma ngawe, akukukhathazi nakancane, uyabo, nje, lezo yizithelo zikaMoya.

151 Ngakho khona-ke le Ndoda yayihlezi laphaya, igqoke ingubo ende encane, njengoba nje bonke abanye babenayo, futhi egqoke njengomuntu ojwayelekile nje. Kodwa Wayecishe abe neminyaka engamashumi amathathu ubudala, kodwa Ufanele ukuthi Wayebukeka emdadlana kancane, niyazi, kuJohane oNgcwele 6, bathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi umbonile u-Abrahama, futhi awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu?" Niyabo, baMehlulela cishe ngamashumi amahlanu, umsebenzi waKhe kungahle ukuthi wawenze lokho.

152 Futhi Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Ngakho lokho kunqumela phansi izimpaphe futhi, niyazi. Kodwa lapho Wayebukeka cishe mhlawumbe eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, ehlezi engemuva emuva lapho, wayesethi . . .

"Ngani," wathi, "akusilo isiko ukuba nina maJuda ukucela thina maSamariya izinto ezinjalo. Asinabudlelwane omunye nomunye."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

153 Futhi uyazi, khona-ke bane dis- . . . bathola ukuxoveka lapho, niyazi, cishe lapho ayekhonza kukhona. Manje, bukani lona wesifazane. Wathi, "Mnumzane," wathi, "ubaba wethu uJakobe," manje, niyabo, lowo kwakungubaba ongumJuda futhi, "ubaba wethu uJakobe wamba lomthombo, yena nezinkomo zakhe baphuza kuwo." Futhi wawunika uJosefa empeleni, lokho akwenzayo. Kodwa wathi—wathi, "Lokhu yi . . . Obaba bethu baphuza kulomthombo. Futhi Uthi Unamanzi angcono kunalokhu na?" kanjalonjalo. Khona-ke emva kwesikhashana . . .

154 Uzama Ukwenzani na? Wayethintana nomoya wakhe, ngoba liyini iZwi likaNkulunkulu na? "UmaHluleli," ake sithi li, "umaHluleli wemicabango yengqondo." Niyabo? Wenzani na? Wayekhuluma naye, exhumana nomoya wakhe, futhi Wayithola inkathazo yakhe. Bangaki owaziyo ukuthi kwakuyini na? Impela, sonke siyazi, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho futhi uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle, ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje akusiyo indoda yakho. Usho kahle."

155 Bukani lowo wesifazane. Bukani lababaFarisi, nabaqeqeshelwe *ezokubukeka kahle*. Niyabo? Bathi, "Le ndoda inguBelzabule. Ingudeveli." Bukani ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka kuleyo encane, iMbewu eyamiselwa

ngaphambili lapho, ngenkathi Ishaya leyoNzalo kaNkulunkulu yangempela eyayikhona, ngaphambi kokusekelwa kwezwe mhlasimbe, igama lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngenkathi Lishaya Lokho, ngokushesha waLiqonda. Esimweni sakhe, waLiqonda. Mfowethu, ngithi lowo wesifazane wayazi kakhulu ngoNkulunkulu khona lapho, kunengxenye yabantu baseUnited States. Kunjalo. Yebo, waqo-. . . Ngani? Wagcotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? Ngenkathi lokho kuKhanya kuLishaya . . .

156 LabobaFarisi, babefundile, futhi benesayense yezenkolo eningi nezinto, kodwa babengalazi iZwi. Futhi uthi . . . Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi." Whewu! Umehluko onje phakathi kwalokho, nalowompristi omkhulu nabo bonke, niyazi. "Ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi, thina maSamariya, siyazi lapho uMesiya efika, lokho kuyoba yisibonakaliso saKhe." O, he. UmJuda, manje umSamariya. "Siyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto."

157 Wathi, "NginguYe okhuluma nawe." Lowo bekunguJesu izolo. Niyabona ukuthi Wayeyini na? Hhayi ingubo yaKhe eyehlukile, hhayi ukubukeka kwaKhe okwehlukile, hhayi okwaKhe okungelutho okwehlukile. Waye . . . Lokho okwakungaphakathi kuYe, kuMbonakalisa! Haleluya! Hhe. Ngiqale ukuthi, "Uxolo," kodwa angeke ngikusho lokho, ngizoba ngothuka okungcwele. Ngi—ngingahle ngenzise okohlanya kancane, kodwa ngizizwa ngikahle ngalendlela. Ngakho vele ungiyeke, uyazi. Ngizizwa ngingcono ngalendlela.

158 Qaphela, ngenkathi ethi, "Ufanele ube ngumprofethi." Wayazi ukuthi babekade bengenaye umprofethi amakhulu eminyaka. Wathi, "Ufanele ube ngumprofethi. Siyazi lapho uMesiya efika, sifundisiwe lokho, siyakwazi ngomBhalo, ukuthi lapho uMesiya efika Uyositshela lezizinto, lokho kuyoba yizinto Ayozenza."

UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

159 Futhi ukusuka lapho washiya imbiza yamanzi futhi wagijimela emzini. Lalelani umlayezo wakhe manje. Manje, khumbula empumalanga, ngokuzenzekela indlela efanayo, ngeke balalele owesifazane wodumo olubi, kodwa . . . indoda emgwaqeni, kodwa ubungeke ummise, kukhona ayesevele ekutholile. Wagijima wangena emzini, babefanele bamlalele, njengendlu eshayo, babefanele bamlalele. Wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lo uMesiya impela na?" Futhi iBhayibheli lathi amadoda omuzi bakholwa kuYe, ngenxa yobufakazi bowesifazane.

160 Lowo bekunguJesu izolo. Ngabe kunjalo na? Usenguye namuhla. Ingabe sinaso isikhathi sesitatimende esisodwa

futhi na? Nje. . .Bese kuthi-ke ngi—ngizoqala umugqa womkhuleko, into eyodwa nje manje. Manje, khumbulani, indlela Aziqinisekisa ngayo Yena uqobo ekupheleni konyaka ngamunye, Uzofanele akwenze ngaso sonke isikhathi. Manje, lokho kwakungukuvalwa konyaka wamaJuda, inzalo yangempela ka-Abrahama, siyazi, eyayivela ku-Isaka. Kodwa manje, kukhona iNzalo yobuKhosi, eza ngoKristu, lelo yiBandla. Niyakukholwa lokho na? Sonke siyakwenza, lokho. Manje, bhekisisani. Yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena ngenkathi Evala kumaJuda namaSamariya, kulowonyaka.

161 Qaphela. Manje, uJesu washo, kuLuka oNgcwele, ukuthi "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." "Njengoba kwakunjalo. . ." Manje, bukani isiprofetho saKhe.

162 Manje, ake sibone, ake sibone ukuthi hlobo luni losuku uLoti ayenalo. Manje, kwakukhona ongakholwayo wenu, abaseSodoma; osivivi, umKristu wehlelo, uLoti; no-Abrahama, iBandla elikhethiweyo, elibizelwe ngaphandle. Wayengekho eSodoma, babephumile eSodoma, babengekho eSodoma kwasekuqaleni. Ngakho-ke babenezinto zimagebhugebhu kancane, kodwa ba—babesengaphandle eSodoma, leyo yinto eyodwa enhle.

163 Ngakho u-Abrahama wayehlezi emnyango wethende lakhe, ngokunye ukusa okushisayo, mhlawumbe cishe ngeleshumi nanye nqo, futhi kwakhuphuka amaDoda amathathu, uthuli ezingutsheni zaWo, amaDoda nje ekhuphuka, u-Abrahama wabuka. Niyazi, kukhona okuthile ngakho. Ungakwazi, wena. . .Angazi. Wa—wayazi ukuthi kwakukhona okuxakile ngalabobaFo. Futhi wagijimela ngaphandle wayesethi, "Nkosi yami, woza. Ake ngikhe amanzi amancane, futhi ngigeze izinyawo zaKho, futhi—futhi ngiKunike ucezu lwesinkwa. Bese-ke Ungaqhubeka nendlela yaKho."

Futhi wagijima wangena, watshela uSara ukuthi alungise isinkwa. Waphuma wathatha ithole elikhuluphalisiweyo, walilungisa, walikhipha, waBapha ukudla.

164 Niqaphelile yini na? Amabili alawomaDoda, empeleni aye. . .Okwakuyikho, kwakunguNkulunkulu uSomandla. Kunjalo. Manje, iBhayibheli lapha, u-Abrahama waMbiza kuGenesise 18 lapha, 18, waMbiza ngo, "Elohim." Lelo yiGama elifanayo uNkulunkulu avela kulo kuGenesise 1, "OWenele Konke," niyabo, u-Elohim, u-Elohim, enyameni. Niyabo?

165 Omunye wathi kimi kungekudala, umfowethu ongumfundisi, wathi, "Awukholwa ukuthi kwakunguNkulunkulu na?"

Ngathi, "Impela, ngiyakholwa, u-Abrahama wathi kwakuyikho, futhi ngiyalikholwa iBhayibheli."

Wathi, "Manje, uNkulunkulu ubengaba kanjani kuleyonyama, edla lokho . . . futhi edla inyama nokunye okunjalo na?"

166 Ngathi, "Uyakhohlwa nje ukuthi UnguBani. Manje, Wayefuna ukuphenya iSodoma, ngakho Yena—Yena nje. . . " Umzimba womuntu wenziwe ngezakhimzimba eziyishumi nesithupha ezahlukene, niyazi. Lokho ngukuthi, ngicabanga ukuthi yipotashi, nepetroliyamu, nokukhanya kwezulu nomhlaba nokunye nokunye. Wavele wacaphuna okungagcwala isandla kwakho, futhi "Whewu," wangena kukho, wayesephephetha okunye okungagcwala isandla enzela uGabriyeli, nokunye okomunye, kuqhubeke kuze kwehle phansi. Yilokho kuphela. Ngiyajabula ukuthi ngiMazi kanjalo. Anijabuli na? Yebo, mnumzane. Angenza noma yini isebenzele inhloso yaKhe. Ngakho Wehlela phansi, kunjalo, waphuma kukho.

167 Ngiyajabule kakhulu ukuthi ngolunye usuku kungahle kungabi khona ngisho. . . Nginezinwele cishe ezimbili noma ezintathu ezisele, futhi bengizikama lapha esikhathini esingeside esedlule, futhi umkami washo kimi, uthe, "Billy, usunempandla ngokuphelele."

Ngathi, "Kodwa angilahlekelwanga nawolulodwa lwazo, s'thandwa."

Wathi, "Ngicela utshele, mina zikuphi."

Ngathi, "Kulungile, s'thandwa, ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole. Nomaphi lapho ezazikhona ngaleyonkathi, zingilindele ukuthi ngize kuzo."

168 Wathi, "Akukho nolulodwa unwele lwekhanda lenu oluyo. . . " Kunjalo! Lowo nguNkulunkulu wethu. Akunandaba, ngibuyele ekukhanyeni kwezulu nomhlaba, futhi noma yini engingaba yiyo, Uzokhuluma futhi ngiyophuma ngalolosuku ngoba ngiyaMkholwa. Amen. Kunjalo. Uvuko. Ngivuse ngosuku lokugcina, Wathi anilahlekelwa lutho, "Ngizokuvusa futhi, izinsuku zokugcina." Impela.

169 Wayelapho-ke, Lowo nguNkulunkulu wethu esikholelwa kuye, Lowo nguNkulunkulu engikhuluma ngaye. Futhi nangu Wayehlezi lapha. Futhi qaphelani, abaseSodoma, abamabandla, neBandla elikhethiwe. Bhekani. Amabili awo, uBilly Graham wesimanje, kanjalonjalo, wehlela eSodoma, futhi uqala ukushumayela iVangeli, asikho isimangaliso, kodwa ukushaya nje ngobumpumputhe. Futhi ukushumayela iZwi kwenza ongakholwayo aphuphutheke. Ngakho wehla futhi washumayela iVangeli ukubiza lelobandla elisivivi liphume, niyabo, ngoba imbubhiso yayiza, Umlilo, yilokho okulandelayo nguMlilo. Kodwa iNgelosi eyodwa yasala no-Abrahama. Senake naqaphela na?

170 Ake sehle ngonyaka kusukela ngaleyonkathi. Ngitshele noma nini lapho owake wabona indoda iphuma iyongena eBabiloni . . . Manje, u-Abrahama wemukela lesosibonakaliso, futhi buka lezoziNgelosi ezehlela lapho, futhi namuhla isithunywa ebandleni elisivivi, ibandla lamahlelo, lipelishwa, hhayi u A-b-e-r-h-a-m, kodwa G-r-a-h-a-m. Sike saba noSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, kanjalonjalo, kodwa akukho lutho olugcina ngokuthi h-a-m kulelobandla. Niyabo?

171 Manje, kukhona iNgelosi eyahlala emuva ukukhombisa inkomba yaYo, okwakunguNkulunkulu uqobo lwaKhe enyameni yomuntu, wakhombisa izinkomba zaKhe lapha, Wathi, "Abrahama," manje, ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho wayengu-Abrama, futhi wathi, "uphi umkakho, u S-a-r-a?" Okungukuthi, usuku nje noma ezimbili ngaphambi kwalokho, wayengu S-a-r-a-y-i. "Uphi umkakho, uSara?"

172 Futhi manje, iNgelosi yathi, "Use," noma, u-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho." Manje, abesifazane babeziphatha ngokwehlukile kancane ngaleyonkathi, bayakwenza manje, niyabo. Ngakho ba . . . Wayesethendeni emva kwaKhe.

173 Ngakho Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." Manje, buka, "Ngi," leso sabizwana somuntu futhi, niyabo. Niyabona ukuthi kwaKungubani na? Wayenze isithembiso, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, futhi uzoba nalomntwana wesithembiso," kanjalonjalo. Futhi uSara, ngaphakathi ethendeni, wahlekela emkhonweni wakhe. Wathi . . .

174 Manje, wayesekhulile, eshayeke kakhulu njenge . . . Ungowami . . . Lalela udokotela wakho, ngingumfowenu. Ubuhlobo bomndeni cishe babuneminyaka eyishumi nanhlanu, engamashumi amabili. Niyabo? Wathi, "Mina, isalukazi, ngibe— ngibe njenjabulo nenkosi yami, nayo isigugile na?" Futhi wahleka kuye uqobo.

175 Futhi i—iNdoda ihlezi lapho, ifulathele ithende ngomhlane waYo, yathi, "Uhlekeleni uSara na?" ethendeni. Kuthiwani ngalokho na? Niyabo, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," ukuthi uNkulunkulu wayezozibonakalisa Yena uqobo enyameni, enyameni yomuntu, futhi. Niyabo, uNkulunkulu phezu kwethu, iNsika yoMlilo; uNkulunkulu enathi, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu; manje uNkulunkulu ekithi, uMoya oNgcwele, ngezinsuku zokugcina, enyameni yomuntu.

176 U-Abrahama wafika ngosuku ebona izibonakaliso nezimangaliso zikaNkulunkulu, kodwa akazange a . . . Njengoba nje wayebona lesosibonakaliso, masinyane emva

kwalokho uMlilo wehla futhi washisa iSodoma; isibonakaliso sokugcina u-Abrahama asibona sikaNkulunkulu ngaphambi kokuwa koMlilo, isibonakaliso sokugcina u-Israyeli asenqaba kwakuyisibonakaliso esifanayo.

177 Manje ibandla labeZizwe selifikile esikhathini sabo, manje sibheke uMesiya. Futhi uma leyo kuyindlela Enza ngayo ngaphambi kwalokho, ngalolosuku, Uzofanele enze ngokufanayo namhlanje. Uma Esivumela ukuba singene ngaphandle kwakho, khona-ke aKafani, khona-ke aKaziphathi ngokufanayo, futhi Ubheka ubuso bomuntu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uzofanele enze into efanayo futhi, ngakho lokho kwenza uJesu Kristu abenguye izolo, namuhla, naphakade.

178 Impucuko ihambe nelanga, siyakwazi sonke lokho. Impucuko endala kunayo yonke iShayina futhi njalo njalo... Futhi lapho impucuko iza, isono siyanqwabelana, silokhu sinqwabelana, futhi manje sishaya oGwini lwaseNtshonalanga. Kukhona isivimba-msindo, noma, ikhethini lensimbi elehlukanisa impumalanga nentshonalanga. Abasekho abantu laphaya olwandlekazi, uhamba uyothi ngqu ngale uze ufike empumalanga futhi. Futhi isono siye safika njalonjalo.

179 Ngenkathi iNdiya lihlala lapha, lalingenasono, lalinezimpi zobuzwe ezincane. Kodwa i... lapho umlungu esefikile, waletha iwiski, abesifazane, ukubulala, nakho konke okunye. Futhi isono siye sanqwabelana njalonjalo. Futhi njengoba isono sinqwabelana, iBhayibheli lathi, "Lapho isitha singena njengozamcolo, uNkulunkulu uyophakamisa ibhanela ngokumelena naso." LeliZwi likaNkulunkulu laliyophakamisa ibhanela, iZwi laliyobonakaliswa kakhulu, libonakaliswe kakhulu.

180 UMoya oNgcwele washaya kuqala oGwini lwaseNtshonalanga, indoda ethile eyikhaladi enezinxemu, ezansi lapha eCalifornia. UMoya oNgcwele washaya eCalifornia ngokukhuluma ngezilimi. Kwase-ke kufika umkhankaso wokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi nakhu la sikhona esikhathini sokuphela. Haleluya! UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa na? Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

181 Baba waseZulwini, siyabonga ukwazi ukuthi siphila kulolusuku lokugcina, ngaphambi nje kokuFika kwalowo Olungileyo, leyo emangalisayo, ekhazimulayo, iNdodana yaKho enothando, iNkosi yethu noMsindisi, uJesu Kristu, Lowo esimthandayo. Futhi siyazi ukuthi iBhayibheli likhuluma ngokubonakala ngaphambi kokuFika, futhi kunomehluko omkhulu egameni *ukubonakala*, bese-ke *ukufika*.

182 Manje, Baba, siyaqonda ukuthi iBandla selidlule esigabeni sokulungisiswa, ledlula esigabeni sokungcweliswa, ledlula

esigabeni sokwamukela uMoya oNgcwele. Manje amatshe ayalolongwa phansi ukuze afanele inkonzo kaJesu Kristu, ukuhlangana ngqo ukuthatha iBandla. SiyaKubonga ngalokhu, Baba.

183 Ngijabula kakhulu ukuthi Wena. . . singabeka ithemba kuWe. Okushiwo iZwi laKho kuyiqiniso, angeke Lehluleke ngoba UyiZwi, futhi Wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Ngiyakhuleka, Baba, kulobubusuku, ukuvulwa kwalemvuselelo. Bengikhuluma isikhathi eside, iqembu elihle labantu engikhuluma nalo.

184 Manje, Nkulunkulu, sibheke imvuselelo. Sibheke eyalobu obuncane, obufishane, obumbalwa, ubusuku esinabo lapha, ukuba Wena uthumele uMlilo uvela e-altare. Lababantu, Baba, abaningi babo bangamakholwa, bamukele uMoya oNgcwele, impela uMoya oNgcwele ubuyolazi iZwi. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzokuqinisekisa futhi, kulobubusuku. Makwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu futhi isikhathi siyasondela. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

185 UNkulunkulu anibusise. Ngifuna ukuba nokunaka kwenu okuphelele cishe okwemizuzu eyishumi. Sinesikhathi esiyinqwaba manje, sinobusuku obune bokukhulekela abagulayo, sizobakhulekela bonke. Ngikholwa ukuthi uBilly uthe ukhiphe amakhadi omkhuleko. Ikhulu? Ikhulu? U-A? Ukhiphe amakhadi omkhuleko ayikhulu, o-A. Sizobakhulekela bonke. Kodwa manje, ngeke sibakhuphulele bonke phezulu lapha ngesikhathi esisodwa, futhi asinaso isikhathi sokubaletha bonke kulobubusuku. Ungahle udingeke ulinde isikhashana ukuze kubizwe ithuba lakho.

186 Kodwa kuthiwani ukuba ubufanele uye kwaMayo Brothers futhi ulinde ukuze ubone ukuthi yini ebingalungile ngawe na? Ungahle ulinde izinyanga ezintathu noma ezine ngaphambi kokuba uthole isikhathi sakho esinqunyelwe ukubonana. Bese kuthi-ke lapho ungena, uhlala lapho iviki noma amabili, bazokuhlola, futhi uma bekuthola, bayakutshela, bese kuthi-ke ulapho nje oqale khona, nguwena kuphela owaziyo ukuthi yini engalungile ngawe. Niyabo? Kodwa angeke ulinde izinsuku ezimbalwa nje kuNkulunkulu, noma amahora ambalwa, imizuzu embalwa.

187 Masibe ngawangempela—asibe ngamasosha angempela, sonke sihlome izikhali ezigcwele zikaNkulunkulu manje, futhi sime khona lapha futhi silinde njengamasosha angempela.

188 Angazi ukuthi Uzokwenza lokhu, kodwa bukani lapha, ngifuna ukunibuza okuthize. Ngokusobala njengoba ngizamile ukukwenza, ngiyi. . . angiyena umuntu ofundile. Inkulumo yami yimbi, futhi nginephimbo elibi, futhi—futhi akukho lutho olulungile ngami. Kodwa ngi. . . Niyabo? Kodwa uma

uNkulunkulu ezole nje. . .Engikutshele khona, uyakholwa ukuthi kuyiqiniso na? Niyabo, ingabe yileyondlela obungamazi ngayo uJesu na? Kulungile.

189 Asibize amanye alawa amakhadi omkhuleko. Asiqale ngenombolo yokuqala. Ubani onayo. . .? Uma ukwazi, sukuma manje, lapho ngibiza inombolo yakho. Inombolo yokuqala. Ubani onekhadi lomkhuleko. . .? Bekuyiluphi uhlamvu na? [Omunye uthi, "U-A."—Umhl.] A. H? ["A."] U-A. U-A, inombolo yokuqala, phakamisa isandla sakho, noma ubani onekhadi lomkhuleko. Lelinenekazi lapha? Uhamba kanjani, yehla. . .? Inombolo yesibili. Ubani onekhadi lomkhuleko lesibili na? Ikhadi lomkhuleko u-A, inombolo yesibili. Emuva lapho na? Kulungile. Woza khona lapha, nenekazi, ngapha ngalendlela.

190 Inombolo yesithathu. Kulungile, nenekazi, woza ngapha. Inombolo yesine, inombolo yesine, ungasiphakamisa isandla sakho, noma ngubani onalo na? Ingabe yilelonenekazi na? Kulungile. Elesine. Phakamisa isandla sakho, khona-ke thina. . .UMfowethu Borders nami siyabuka. Inombolo yesine, inombolo yesihlanu. Ngapha? Elesithupha. Kulungile, vele uthathe indawo yakho khona lapho. . . Inombolo yesikhombisa, inombolo yesikhombisa. Kulungile. Inombolo yesishiyagalombili. Ngenza lokhu, ngibavimbe bangagijimisani phezu komunye nomunye. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Ubani onelesishiyagalolunye na? Inombolo yesishiyagalolunye.

191 Uma ungakwazi ukusukuma manje, vele uvumele othile. . .tshela othile oseduze kwakho, phakamisa isandla sakho, sizokuqukula lapha, sizoqinisekisa ukuthi ukhuphukela lapha. Yisho—yisho, uma umuntu othile engasho *isishiyagalolunye* ngeSpanishi, ukusho kanjani na? [Omunye uthi, "Nueve."—Umhl.] Nueve? ["Nueve."] Nueve, isishiyagalolunye, inombolo yesishiyagalolunye. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili. Inombolo yesishiyagalolunye. Uxolo, ngiyaxolisa, Dadewethu. Inombolo yesishiyagalolunye.

192 Inombolo yeshumi, ishumi nanye. Yehla khona lapha, dade. Ikhadi lomkhuleko leshumi nanye. Ingabe inenekazi elimi phezulu lapho ishumi nanye na? Ishumi nambili, ishumi nantathu. Woza ngqo. . .Ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nane. Angizange ngilibone, angikholwa. Ishumi nane, ishumi nanhlanu. Ikhadi lomkhuleko leshumi nanhlanu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Ikhadi lomkhuleko. . . Yishumi nanhlanu lelo na? Bangaki esinabo na? Asiqale khona lapho.

193 Manje, wonke umuntu walabobantu angasukuma futhi ahambe. Manje, isibonelo, angiboni noma yimuphi okhubazekile

ohlezi lapha, ngaphandle uma kuyinenekazi elihlezi lapho phakathi e—esihlalweni. Uma ngithe inenekazi, okungukuthi, ngiyalazi, uma bengingathi lelonenekazi likhubazekile, awu, ubungathi, "Impela." Kuthiwani ngaleli nenekazi elihlezi *lapha* na? Leli *lapha* na? Manje, bangaki kini abangenalo ikhadi lomkhuleko emhlanganweni, futhi nokho niyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzoniphilisa na? Asinibone niphakamisa izandla zenu. Nonke. Wonke umuntu onekhadi lomkhuleko. Yonke indawo nje.

194 Manje, bukani, ngenkathi besahlanganisa labobantu, ngithanda ukuba nokunaka kwenu. Ngeliny'ilanga kwakukhona inenekazi eledlula e—eqenjini labantu. Futhi liyasho, lalingenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa lakholwa ukuthi uma belingathinta umphetho wengubo yaKhe, liyakusindiswa. Bangaki oyaziyo indaba na? Sonke siyayazi, impela, lokho kuhle. Uma lingathinta umphetho wengubo yaKhe . . . Manje, futhi ledlula, futhi lathinta ingubo yaKhe.

195 Futhi manje, angikholwa ukuthi Wayengakuzwa ngokwenyama, ngoba ingubo yasePalestine ibamba . . . i—inengubo yangaphansi, bese kuthi-ke yingubo ende, ilenga *kanjalo*, futhi wathinta umphetho wayo.

Futhi uJesu waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?"

196 Futhi uPetru waMkhuza, akuzwakali njenge—i—i . . . akusiwo umbuzo ohlakaniphile, wathi, "Ngani, Nkosi, wonke umuntu uyaKuthinta." "Sawubona, Rabi, ngiyajabula ukukubona." "Sawubona, lapho, mProfethi, siyajabula ukuKubona." "Sawubona," kanjalo.

Futhi Wathi, "Ubani oNgithintile?"

Awu, wathi, "Ukhuluma okuxakile." Wakhuza uJesu.

197 UJesu wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka. Ubuhle" amandla "kuhambile kiMi. Ngibe buthakathaka." Futhi Waqalaza macala onke ezethamelini, futhi Wathola owesifazane omncane. Bangaki owaziyo ukuthi yini eyayingalungile ngaye na? Wayenomopho, futhi wayesebe nayo iminyaka eminingi. Futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

Manje, igama lesiGreki lapho, elithi *Sozo*, elisho okufanayo nelisho okwenyama njengokuthi . . . "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

198 Manje, iBhayibheli lakusho ukuthi "UJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, khona manje," Uyakukholwa na? "UmPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Ingabe kunjalo na?

199 Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubezoziphatha kanjani na? Ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi. Lokho bekungaMenza umPristi oMkhulu ofanayo, izolo, namuhla,

naphakade, niyabo. Nje, ayikho indlela yokusuka kukho. I. . . Uma iBhayibheli lisho noma yini, kuyiqiniso. Ngabe kunjalo na?

200 Manje, yini—yini eyenzeka lapha na? Manje, isiphiwo. . . Manje, iBhayibheli lasho, ngalabazalwane abangabefundisi, iBhayibheli lasho ukuthi uNkulunkulu ubekile ebandleni iziphiwo ezinhlanu ezehlukene. Ngabe kunjalo na? UNkulunkulu ukwenzile. Manje, kuneziphiwo eziyisishiyagalolunye e—ebandleni lendawo kwelilodwa nje noma elinye, kodwa iziphiwo ezinhlanu zobufundisi, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Ngabe kunjalo na? Iziphiwo zokomoya ezinhlanu. Manje, lezoziphiwo ezokupheleliswa kwebandla, ukugcina ibandla enqubweni, abelusi, nabafundisi, nabavangeli, nabaprofethi, nokunye nokunye. Manje, yiziphiwo.

201 Manje, akunandaba ukuthi lamadoda aphiwe kangakanani ukushumayela, ufanele futhi ukukholwe abakushumayelayo, noma akuzukusiza ngalutho nakanye. Bangavele bashumayele baqhubeke baqhubeke, baqhubeke, awusoze wasindiswa, uzofela esihlalweni sikanokusho, futhi ulahleke, kunjalo, uhlezi khona lapho. Kunjalo, ufanele ukukholwe abakushoyo. Awu, akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubezokwenzani lapha ngendlela yesiphiwo sesiprofetho, nawe ufanele usikholwe.

202 Ngenkathi EkuKristu. . . Futhi UseBandleni laKhe manje. Manje, ngenkathi EkuKristu, Wayesendaweni eyodwa nje. Yingakho uJesu athi, "Umsebenzi. . . Yena. . . " uJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngabe kunjalo na? "Imisebenzi. . . Okholwayo," ngoba ngani? IZwi likuYe. Niyabo? "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgi. . . Ngaphezu kwalokhu. . . " Ngiyazi iKing James ithi "emikhulu," kodwa ubungeke ube mkhulu, ukuhunyushwa okuyikho kwakho kokwasekuqaleni ngukuthi "eminingi," ngoba Wavusa abafileyo, wamisa imvelo, wenze yonke into yaphelela.

203 Ngakho-ke kungokungaphezulu, ngoba u—uMoya owawukuYe, ngosuku lwePhentekoste, leyoNsika yoMlilo eyenziwa inyama, yahlala phakathi kwethu, Yayibuyele emuva futhi futhi yaZihlukanisa, ngosuku lwePhentekoste, phakathi kwabafundi, "Izilimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo." UNkulunkulu ezehlukanisa qobo lwaKhe phakathi kwabantu baKhe, ngakho ndawonye singaba ubunye bukaNkulunkulu. Sifanele sime kanjalo. . .

204 Manje. . . Manje, uma. . . ngikholwa ukuthi wonke umuntu kulowomugqa womkhuleko uyisihambi kimi. Angi. . . Akekho noyedwa engimaziyo, ngaphandle kukaMfowethu Borders. Futhi—futhi manje, angiqondile. . . kungenzeka ukuthi ngike ngahlangana nani bafowethu emihlanganweni, kodwa ukwazi nje ukuthi ningobani. . . Futhi ngikholwa ukuthi lona—lona

yilowo mfowethu ovela e-Ohio lapha, ohlezi khona. . . futhi angilikhumbuli igama lakhe manje, uFritzinger, wase-Ohio, uMfowethu noDadewethu Fritzinger behlezi lapho, abavela e-Ohio. Lona nguMfowethu noDadewethu Dauch abahlezi lapha abavela e-Ohio. Futhi ngiyamazi uMfowethu Sothmann, noMfowethu Wood ukhona lapha ndawondawo, abadayisi bezincwadi, bona, angibaboni, angazi ukuthi bakuphi.

205 Kodwa manje, uma uMoya oNgcwele uzoza futhi uqinisekise lokho engikushilo kulobubusuku ukuthi kuyiqiniso, khona-ke kuyoba nezinto ezimbili. Bekungakukhombisa ukuthi uJesu Kristu usaphila (Kunjalo na?), onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngoba njengomuntu, angeke ngikwazi ukwenza leyomisebenzi, kuthatha Yena ukuyenza. Ngakho ubuyokwazi ukuthi kuyofanele kube nguYe.

206 Futhi enye into obekuzoyikhomba, ukuthi isikhathi sesiseduze, kunjalo, isikhathi, isibonakaliso sokugcina u-Israyeli asemukelayo, isibonakaliso sokugcina a—abasemukela, uLoti, u-Abrahama, ngaphambi kokubhujiswa. Konke kuyakhombisa khona manje ukuthi sisethunzini lokuFika kwaKhe.

207 Ngakho mngane oyisoni, uma ulapha kulobubusuku, futhi uNkulunkulu uyafakaza ukuthi Ulapha phakathi kwethu, ngeke uze futhi uMemukele njengoMsindisi wakho na? Kwenze lokho.

208 Manje, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, naseGameni likaJesu Kristu, Ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele. Manje, ninganyakazi, hlalani nithule, hloniphani, khulekani. Nawe laphaya manje, khuleka nje, futhi uthi manje, "Ngiyahamba. . . Nkosi, lowo mfundisi akangazi, kodwa mangithinte ingubo yaKho, mangiKuthinte, khona-ke Wena khuluma ngaye, ngizokwazi ukuthi nguWe, niyabo, ngoba lowo nguWe osebenza ngeBandla laKho njengoba eshilo ukuthi Wawunjalo." Kulungile. Asibe ne. . .

209 Lokhu kuwuhambo impela ukunqamula lapha. Manje. . . (Ngiyabonga.) Nanti inenekazi eliyisihambi ngokuphelele kimi. Manje, ngifuna nigcine lomBhalo kulobubusuku engqondweni yenu, lapho seniya ekhaya, fundani uJohane oNgcwele 4, nakhu, owesilisa nowesifazane bahlangana okokuqala. Niyabo, khona lapha, ngokufanayo nje ncamashi ngesikhathi seBhayibheli, iNkosi yethu uJesu wahlangana nowesifazane Ayengamazi, wayengaMazi.

210 Manje, lona wesifazane, a—angimazi, angikaze ngimbone. Ngakho uyinenekazi elithile nje elimi lapha. Manje, angahle abe. . . Mhlawumbe ungo—ungongakholwayo ngokwangempela, angahle abe ngumKristu, angahle abe ngu—ngumkhohlisi, angahle abe. . . angahle ukuba uyagula, angahle amele omunye

umuntu. Mhlawumbe inkathazo yasekhaya, kungahle kube yinkathazo yemali. Angazi, kodwa Yena uyazi.

211 Manje, uma ngiza, futhi ngasho kanje, "Udumo kuNkulunkulu..." Lokho ngukuthi...Manje anginjalo... Khumbulani, lowo nguMoya oNgcwele, bafowethu, osho lokho. Uma bengingathi, "Udumo kuNkulunkulu, Dadewethu, iNkosi yangithuma ukuba ngikhulekele abagulayo. Uyangikholwa na?"

Ubeyothi, "Yebo, ngiyakukholwa."

"Ingabe uyagula na?"

"Yebo."

"Kukhona okungalungile ngawe?"

"Ya."

"Kuyini na?"

Ubeyothi, "Awu, ngi—ngibulawa wumdlavuza," noma "ngine-TB," noma—noma into ethile enjalo.

212 Bengingathi...ngibeke izandla zami phezu kwakhe, ngithi, "UJesu wathi, 'Lezi zibonakaliso ziyakulandela abakholwayo.' Wathi, 'Beka izandla kwabagulayo, bayakusinda.' Haleluya! Hamba ukukholwe." Lokho bekungaba njalo. Ubezohamba futhi aphulukiswe futhi, uma ekukholwa.

213 Kodwa manje, asikuguqule lokho manje, senyukele phezulu phambidlana. Manje, uma-ke Emi lapha futhi amtshele okuthize lokho...aMtshele ukuthi yini engalungile. AMtshele okuthize kwakhe akwenzile, noma into ethile obekungafanele ukuba uyenzile, noma noma ngabe...ukuthi uyini. Khona-ke uma—uma lokho okwedlule kuyiqiniso, uzokwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha, bese kuthi-ke, uma Engamtshela obekukhona, bese-ke emtshela ukuthi okuzoba yikho, asekutholile-ke, akunjalo na? Lokho—yilokho-ke. Niyabo? Lokho kukukhipha konke. Niyabo? Yilokho-ke. Ubungakholwa na? Wonke umuntu uyakholwa na? Kuthiwani phezulu kuvulandi osesitezi, beningakholwa, bangane, emuva le lapho ekugcineni na?

214 Manje, khumbula, asikho lapha njengombukiso wasesiteji, lokhu akusilo udaba lokuhlekisa, kulapha ukuzama ukumela uNkulunkulu weBhayibheli. Futhi ubuKristu buyakhanga, uma bushunyayelwa ngobulula babo nangeqiniso, niyabo, hhayi ukwenza amanye amakhulu, akhukhumele, aphezulu, amazwi afundile. Njengoba uPawulu athi, "Angizanga kini kanjalo, kodwa ngamandla nokuvuka kukaKristu, ukuze ukukholwa kwenu kusekelwe kulokho, ukuthi uJesu Kristu uyaphila." Bese kuthi-ke uma uJesu Kristu ephila, futhi engakhuluma kudadewethu lapha, noma, lona wesifazane, futhi asho mayelana nalokho, khona-ke Uyafana nje phandle lapho kini njengoba Enjalo lapha emsamo, kumbe noma yikuphi. Niyabo? Niyakukholwa lokho manje na?

215 Manje, ukukhuluma nje naye umzuzwana nje, ukuxhumana nje nomoya wakhe. Manje, nansi indoda nowesifazane futhi, bahlangana okokuqala empilweni, njenge. . . Manje, kusobala, kunabantu abaningi phandle lapho abakhulekayo, futhi uma mina. . . Emva kokuba Lithole ugcobo lapha kuqala, khona-ke Liyasuka futhi liphumele ngale kwesakhiwo. Isizathu emva kokuthi lithole ubusuku obumbalwa, futhi wonke umuntu uyathola, niyazi, uyaLejwayela, izinto ezinjalo. . .

216 Manje, thina njengoba siyizihambi futhi singazani, uma. . . Kodwa uKristu ulapha, UwuVuko, Wa—Wa—Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila." Khona-ke Uyaphila kuze kube phakade, njalo enamandla ukwenza izinxuselo.

217 Futhi ukuzwa uMoya wakhe wobuKristu uza kimi manje, kimi, kwenza Wazi ukuthi kukhona u—umKristu. Niyabo? Umoya wakhe wamukelekile, ungumKristu. Futhi ngakho-ke, niyabo, ukuthi lapho, manje nangu umfowethu nodadewabo kaNkulunkulu ofanayo. Niyabo? Futhi uyadinga, ngiyakubona u—uyadinga, futhi unesidingo sokuthile.

218 Futhi manje, uBaba waseZulwini usevele ukufakele imali ebhange ngenkathi Enikela ngeNdodana yaKhe. Kodwa manje, into yakho ingukuthi, ukukwenza ube nokukholwa ngukwazi ukuthi Ulapha, umi lapha, ngoba uyazi ukuthi kumele kuvele ngamandla athile. Kunjalo.

219 Manje, uma abantu besengangizwa, phezu kowesifazane ngqo, uma ningaqaphela, kukhona ukuKhanya kwesimaragidu okuluhlaza-satshani. Owesifazane unokuzwa impela kwento ethize eyenzekayo, ngoba kungomnandi, omnandi ngempela, umuzwa ongcwele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje usegcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu. Nenenekazi liphethwe wukwethuka, ukwethuka okwedlulele ngempela, futhi. . .

220 Lokho kufika njalo. Kungani kunjalo na? Angizange ngikuqagele lokho. Niyabo? Nicabanga ukuthi ngikuqagelile lokho, angizange. Niyabo? Lokho bekungesikho ukuqagela, bekungeke kube ukuqagela. Kodwa yiqiniso, noma ngabe bekuyini. Angazi ukuthi bekuyini, iteyipu inakho. Kodwa noma yini oKukushilo bekuyiqiniso.

221 Linda umzuzwana nje. Ubonakala engumuntu onomoya omuhle, khuluma nje. . . Yebo, nakhu, ukwethuka, ukwethuka ngempela, nalokho kwethuka kubi kakhulu kuze kukwenze ube nobuhlungu, uba nobuhlungu. Futhi khona-ke kukhona okungalungile, ithumba lisontwini lapha. Kunjalo. Akunjalo lokho na? Futhi akumangalisi, ufanele ukholwe, njengoba ungumfundisi, umshumayeli wesifazane. Awuyena owakulelizwe, ungowaseMissouri. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa manje? Hamba, futhi konke kuzodlula. Hamba ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. UNkulunkulu

akubusise, dadewethu. [Udade uthi, "Mfowethu Branham, uNkulunkulu ungitshelile ukuthi ngizokubona lapho sengifikile."—Umhl.] Ngiyabonga.

222 Manje, uyakholwa na? Bangaki okholwayo na? Ngani, impela. Angeke nje ukugweme ukukholwa, ungakwenza na? Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Kholwa nje.

223 Manje, siyizihambi omunye komunye. Uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha na? Manje, okufanele ngikwenze, Dadewethu, ngifanele ngikuzwele, uyazi. Kufanele kube yinto ethize engizwelana nawe ngayo, buningi kakhulu lobubuKristu obungaphazanyiswa imizwa namuhla, obungendlela ngqo. Ufanele ubazwele abantu. Manje, umzuzwana nje.

224 Kwakukhona inenekazi. Lathi lakhuleka, nokuthi uNkulunkulu walitshela ukuthi lizoza, noma, lizongibona lapha. Qhubeka nje ukholwa. Kuyathandeka lokho, uma ungakugcina lokho, lelogagasi langempela lokukholwa livela ezethamelini-ke, lokho kuhle. Qhubeka nje ucabanga manje, qhubeka nje ukholwa. Ungangabazi. Kugcine enhliziyweni yakho manje.

225 Lelinenekazi, lapha, liyakhuleka, futhi lifuna ukukhulekelwa, esimileni ekhanda lakho, kunjalo, ngaphansi kwezinwele zakho lapho licashe khona. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa na? Kulungile. Khona-ke hamba futhi isimila sizokushiya…?…Yiba nokukholwa nje. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Yiba nokukholwa manje, ungangabazi. Thulani nje ngempela futhi nihloniphe ngempela.

226 Sawubona? Siyizihambi omunye nomunye futhi, ngiyakholwa. INkosi uJesu iyasazi sobabili, Iyazi ukuthi yini oyizele lapha, Yazi konke ngawe, Angazi, kodwa Yona iyazi. Kodwa uma iNkosi uJesu izokwembula kimi izinkathazo zakho, uzokholwa ukuthi kuzofanele kuvele kuYe na? Ngabe kunjalo na? Kulungile. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

227 Manje, empeleni akuwena uqobo, unentshisekelo komunye umuntu. Kunjalo. Yindoda, futhi leyondoda ngumkhwenyana wakwakho, nomkhwenyana wakwakho unezilonda emathunjini, futhi wena ufuna mina ngimkhulekele. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Thatha leloduku futhi ulibeke kuye. Manje, hamba ukholwa manje.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ungangabazi nje, yiba nokukholwa. Manje, hlonipha ngempela manje. Yiba nokukholwa, ungangabazi nhlobo, kholwa.

228 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye, ngiyacabanga? Kodwa iNkosi uJesu iyasazi sobabili. Manje, ukwaluka, kuvela kuleyo mibono nje. Uyabo? Ku…Uma owesifazane oyedwa omncane enza amandla asuka eNkosini yethu noMsindisi, bekuyokwenzani kimi, isoni esisindiswe ngomusa waKhe na?

Uyakholwa uma iNkosi uJesu izongembulela okuthize ngawe, uzokukholwa. Manje, hlonipha ngempela manje. Ungangabazi nje.

229 Unezinto eziningana ezingalungile ngawe, into eyodwa isinye esiwile. Kunjalo, akunjalo na? Futhi enye into, une—isimila, futhi sisesiswini. Kunjalo, akunjalo na? Kulungile. Uyakholwa manje ukuthi uzoba kahle na? Khona-ke qhubeka udlule bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Ungangabazi nje enhliziyweni yakho, ungaba nakho okucelile. Kholwa nje manje njengoba uza.

230 Sawubona, Dadewethu? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Awu manje, sizalwa mhlawumbe ngamamayela aqhelelene, neminyaka ngokwehlukana, futhi lapha sihlangana okokuqala.

231 Ngandlela-thize angikwazi nje ukubamba lokho ezethamelini. Kunomuntu laphaya okhulekayo. Manje, yindoda, kodwa angikwazi ukusho ukuthi ikuphi, kulokhu kuza. Yilendoda ehlezi khona lapha ebuka ngqo emunweni wami lapha, iphethwe isifo samathambo, ihlezi laphaya. Yebo, mnumzane, wena. Unesifo samathambo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Phakamisa isandla sakho. Kulungile, kholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho, isifo samathambo sizokushiya.

232 Ngifuna ukukubuza okuthize. Uthinteni na? Ngitshele ukuthi Uthinte bani. Uqhele ngamafidi angamashumi amane ukusuka kimi noma ngaphezulu. Uthinte lowomPristi oMkhulu. Mbuze ukuthi ubengahlezi yini lapho ekhuleka. Ngabe kunjalo, mnumzane na? Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Yilokho kuphela okumele ukwenze manje, yiba nokukholwa.

233 Siyizihambi, ngishilo. Angikwazanga ukukubamba, leyondoda ibilokhu iza phambi kwami lapha, futhi ngiyibonile, yayikhubazekile niyabo nalokho, ngakho kwakuyisifo samathambo. Izophila uma nje iqhubeka nokukholwa.

234 Manje, uma uMoya oNgcwele. . . Uyazi ukuthi kuzofanele kube namandla athile uku—ukudlulisa lokhu. Futhi manje, iBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu laHlulela imicabango, izizindlo zenhliziyo." Futhi yingalesosizathu uJesu wayekwazi ukubona ababekwenza, kanjalonjalo, ngoba WayeyiZwi. Khona-ke wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini. . . " Niyawuthola umqondo manje na? Kunjalo. Impela. Uma uzokukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke, leso sibhono sizokushiya. Uyakukholwa na?

235 Ngifuna ukukutshela okunye okuthize. Ungumuntu okahle, futhi unesicelo esijulile enhliziyweni yakho ofuna ukungicela ukuba ngikhuleke ngaso, futhi ubuwesaba ukuthi bengizodlula kuwe. Angifundi wona umqondo wakho, kodwa ubufuna ukungitshela okuthile, ubungenjalo na? Ufuna ngikutshele,

ngaphambi kokuthi ungitshele na? Kungokomyeni wakho. Yebo, mnumzane. Futhi uhlushwa yisimo sokuvuvuka. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi hamba ukusho, futhi ubeke izandla zakho phezu kwakhe, kanjalonjalo, futhi kuzomshiya futhi uzophila. Amen.

236 Uyakholwa na? Amen. Yiba nokukholwa. Ufuna ukudla isidlo sakho sakusihlwa ngokuthula na? Isisu esinokwethuka esidala sikushiye na? Hamba ngqo usuke emsamo, udle isidlo sakho sakusihlwa, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

237 Sawubona? Uyakholwa? Uyakholwa ukuthi Angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo na? Uyakholwa ukuthi Angayiphulukisa inkathazo yakho yenhliziyo na? Kulungile. Khona-ke qhubeka, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngo— ngokuphulukisa inkathazo yenhliziyo yami, futhi uhamba, ukulungise."

238 Manje, ngenkathi ngisho lokho mayelana nalelonenekazi, umuzwa oxakile ngempela wehlela phezu kwakho, ngoba ubunenkathazo yenhliziyo nawe. Uyakhumbula ngithe *ubu*nayo. Qhubeka nje. Uyabo? Yiba nokukholwa nje.

239 Into exakile, kholelwa leyongane futhi kuzoyishiya futhi. Kulungile. Uyakukholwa na? Kulungile. Umayelana . . . Ngifuna ukubeka izandla zami phezu komntwana.

Sathane, khulula umntwana.

EGameni likaJesu Kristu, makaphulukiswe. Ungakhathazeki ngaye. Hamba, ukholwa, kuzohamba, phulukiswa.

240 Lelinenekazi lisibekelwe ngumdlavuza, kodwa uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokuphulukisa. Uyakukholwa na? Kulungile, mnumzane, dlula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu othandekayo." Ngibeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda, eGameni likaJesu Kristu.

241 Ngizohlola oyedwa nje kanje, niyabo. Kuthiwani uma ngingashongo lutho kuwe, futhi ngivele ngibeke izandla phezu kwakho na? Uyakholwa ukuthi bekuzokushiya na? Ubungakholwa na? Kulungile, woza. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen. Kulungile, ake ngihlole . . .? . . . Yiba nokukholwa.

242 Ubungakholwa into efanayo na? Ukubeka izandla nje kuwe, futhi uyakukholwa na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.

243 Uma-ke ngisho okufanayo kuwe, bekungakusiza na? Manje, unenkathazo yamanenekazi, kodwa into yakho enkulu yileyo nkathazo yenhliziyo okhathazeke ngayo kanjalo, ngoba ukwethuka enhliziyweni yakho.

244 Awulinde umzuzu nje, umzuzu nje. Kukhona okwenzekile. Wonke umuntu hlo-. . .hloniphani ngempela manje. Kusezethamelini. Nakhu. Yilelonenekazi elihlezi khona ngalapho, likhulekela umyeni walo onenkathazo yenhliziyo. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, umyeni wakho uzosinda. Ungakungabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Eyakho isihambile. Yiba nokukholwa nje manje futhi ungangabazi.

245 Sawubona? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngawe na? Noma ngiyakwenza noma qha, noma ngabe Uyakwenza noma qha, njalo, ungakholwa noma kanjani, ubungeke na? Ubungakwenza. Uma ngikubeka izandla nje, uyakholwa ukuthi isifo sikashu-. . .Ngakho. . . Isifo sikashukela. Ngikutshelile, bengingaqondile. . .Bengibuka lokho kuhlolwa kwegazi, bekuyilokho, ukuhlola ushukela lapho ngase ngibona ukuthi ku. . .Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

246 Le ndoda ehlezi emuva ngokuqondile ngqo, ya, emva ngqo kukaMfowethu Sothmann lapho, inenkathazo ngemilenze yayo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, mnumzane. . . Unokukholwa okuningi kunalokho obucabanga ukuthi unakho. Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Kuphelile uma uzokholwa. Amen. Asithi, "Mayidunyiswe iNkosi."

247 Bekungamangalisi yini lokho, ukuthi yena ebuyela ngqo lapho ngesikhathi esifanayo na? Niyabo? Kungani Kumtshele ngesikhathi esifanayo nawe na? Bengifuna wazi ukuthi nawe ubunokukholwa nawe. Amen.

UyaMthanda na? Yiba nokukholwa manje, ungangabazi.

Inenekazi elihlezi khona *laphaya* linenkathazo ngemilenze yalo futhi. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungabanakho ukuphulukiswa kwakho.

248 Futhi lokho okukodwa okusele. . .uhlezi khona *lapho* unenkathazo yenhliziyo. Yebo, mnumzane. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Wena. . .Ya. Ulitholile ikhadi lomkhuleko na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Ngeke udingeke ulisebenzise manje, ukukholwa kwakho kukwenzile.

Uyakholwa na?

249 Sawubona, Mnumzane? Siyizihambi komunye nomunye, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela izinkathazo zakho na? Ubungakwenza. . .Ubu. . .Lokho bekunga. . .Bengingeke ngikuphulukise, isizathu, uyakwazi lokho, ngi—ngingumfowenu. Bengingeke ngikuphulukise, kodwa Usevele ukwenzile, Ufuna nje wazi ukuthi Ukhona. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, mnumzane. INkosi ibe nawe.

250 Unenkathazo yenso, inkathazo yesinye, usanda kuba nokuhlinzwa. Kunjalo. Ingabe kunjalo na? Angeke usadingeka ube nakho. Hamba, ukholwa, usinde, eGameni leNkosi uJesu. UNkulunkulu akubusise. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Amen.

Ufuna ukudumisa iNkosi. Uthe ngike ngambiza ngaphambilini ndawondawo, futhi waphulukiswa futhi usenokuphulukiswa namuhla, kubambe kahle.

251 Bangaki abakholwayo na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Niyakukholwa na? Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Ingabe iZwi laKhe lisafana na? Manje, bangaki abakholwayo abaphakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho.

252 Manje, uJesu akazange yini anike iBandla laKhe lokhu kuthunywa kokugcina, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? Abakholwayo, kunjalo na? Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, kuyokwenzekani na? Bayosinda.

253 Manje, ngifuna nibeke izandla komunye nomunye, phezulu kuvulandi osesitezi, ezansi phakathi lapha. Ngamunye wenu makholwa, beka nje isandla sakho phezu komunye nomunye. Kunjalo. Umuntu othize nje ohlezi eduze kwakho lapho, phambi kwakho, ngemuva kwakho, noma ndawondawo, beka nje izandla zakho phezu komunye nomunye, ningamakholwa. Ukuze, ngifuna nibone manje ukuthi akukhona nje phezulu lapha kuphela, Uphandle lapho, Ukuyo yonke indawo. Niyakholwa na? (Iduku . . .? . . .)

254 Phezulu kuvulandi osesitezi, senilungele, ukubeka isandla omunye komunye na? Manje, khothamisani amakhanda enu yonke indawo. Bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye futhi nikhothamise amakhanda enu. Manje, uJesu wethu ofakazisa kini ukuthi Ulapha khona manje, Ulapha, uMoya waKhe. Wena uthe, "Sithanda ukubona uJesu." NaNgu, esebenza ngqo ngeBandla laKhe, abantu baKhe.

255 Manje, bengingeke ngikwenze lokho mina uqobo, lokho ukukholwa kwakho futhi. Akunandaba ukuthi kungakanani ukukholwa enginakho, ufanele ube nokukholwa futhi. Niyabo? Nokukholwa kwakho kuMthintile, futhi ngesiphiwo Angipha sona, kuvele kuphendule amaZwi aKhe kuwe. Niyabo?

256 Manje, ngicaphuna amaZwi aKhe eBhayibhelini, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda." Manje, ngifuna ngamunye wenu . . . Ungazikhulekeli wena, ngoba umuntu obeke izandla zakhe phezu kwakho uyakukhulekela. Bakhulekele.

257 Manje, ngifuna nikhuleke ngendlela enenza ngayo ebandleni lenu. Qala nje ukhuleke manje, ngalowomuntu, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyikholwa, ngiyazi ukuthi Ukhona. Ngibeka izandla zami phezu komakhelwane wami lapha, futhi ngifuna

baphulukiswe." Futhi bayanikhulekela, futhi ngizonikhulekela ngamunye wenu.

258 Baba wethu waseZulwini, siyasondela manje, futhi, emva kwenkonzo, ukubona ukuthi Wenza kahle zonke izinto. Siyakholwa kuleliviki ukuthi abakhubazekile, izishosha, izimpumputhe, izinyonga, abagogekile bazolashwa ngamandla aKho, futhi bazosindiswa. Izinhliziyo zezoni zizogezwa ngeGazi likaJesu Kristu. Ukungakholwa kuzonyamalala kube yimvuselelo enkulu yamandla kaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu.

259 Futhi manje, lamakholwa, lapha, abeke izandla zawo phezu komunye nomunye. NoJesu, Osezindaweni zonke, futhi ufakazisile ukuthi Ulapha kulelihholo elikhulu, kulobubusuku, Ulapha. Sibeke izandla phezu komunye nomunye, futhi ngiyabakhulekela, bayakhulekelana. Futhi manje, Baba, sizela ukukholwa ukuthi Uzokwenza konke ukugula kushabalale kulendawo, wonke umuntu ogulayo aphulukiswe.

260 Sathane, siphendukela kuwe, wena omkhulu, ohlakaniphile, ofundile, oyisazi sokudabuka kwezinto zonke ezikhona, umkhohlisi, ezama ukuphambanisa iZwi likaNkulunkulu, iZwi eselibonakalisiwe. Siza ukuhlangabezana nenselelo yakho eGameni likaJesu Kristu, Owabethelwa, wafa, wavuka futhi ngosuku lwesithathu, wanqoba phezu kwawo wonke udeveli, lonke idemoni, onke amandla oke waba nawo, wakuphuca onke amalungelo angokomthetho obunawo, ngoba Wakhokha inani, futhi wathenga iBandla laKhe walibuyisa ngokuhlengwa. Futhi, kulobubusuku, singabantu abahlengiwe, futhi wehluliwe empini.

261 Phuma kulababantu, eGameni likaJesu Kristu, bashiye. Izandla ezingcwele zamakholwa zibekwe phezu kwamanye amakholwa, futhi wehluliwe empini, futhi uKristu ulapha ukuze azifakazele Yena uqobo evusiwe kwabafileyo emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili futhi esaphila kuze kube phakade. Siyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, shiya lababantu, phuma kubo eGameni likaKristu.

262 Wonke owesilisa nawo wonke owesifazane, lonke ikholwa manje, nezandla zenu phezu komunye nomunye, zivalele phakathi, kholwani. UKristu useduze manje, niMbonile ehamba emsamo, phandle ezethamelini ngeZwi laKhe elingenakuphosisa. Umkhuleko wokukholwa ukhulekiwe ngomgudu ofanayo Akhuluma ngawo, ethatha izindebe zomuntu futhi enyakaza, uNkulunkulu uSomandla ezembula, ezikhombisa Yena uqobo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

263 Awukho phakathi kwesigejane sabangakholwayo, anisiso isigejane sabantu abayizihlakaniphi, uhlezi phakathi kwabangcwele, abesaba uNkulunkulu, abavuswe kanye

noKristu, abahlezi ezindaweni zaseZulwini. Amadoda nabesifazane abangcwele babeke izandla zabo phezu kwakho, bekhuleka umkhuleko wokukholwa, USathane unqotshiwe eGameni likaJesu Kristu, iGazi selinikeliwe ukunxusela.

264 Manje, lephula ngaphezu kwakho, ngokukholwa, lobo bumnyama obungakwenza ungabaze into eyodwa yoBukhona bukaNkulunkulu, futhi ukuphulukiswa kwakho kuzoqiniseka. Kwenze manje, sisalokhu sikhothamise amakhanda ethu, sivalelwe ngaphakathi kanye naYe.

265 Futhi sifuna ukucula, uma umshayi we-ogani ezosinika ishuni encane lapho, indlela encane, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Yibani nilokhu nikhothamise amakhanda enu manje, amehlo enu evaliwe. Mkhonzeni manje. Yibani nilokhu nibeke izandla kumakhelwane wenu—wenu, yibani nilokhu nibeke izandla zenu kumakhelwane wakho manje, zivalelwe noKristu.

266 Sonke isidingakalo sesenziwe, njengoba nje wahamba wavuma izono zakho futhi wawumi phezu kwamanzi, futhi omunye umfundisi omesabayo uNkulunkulu wayekubambe ngesandla, wayezokubhaphathiza, into efanayo. IZwi lenziwa libe ngokoqobo, liyabonakaliswa.

267 Wena wathi, "Sithanda ukubona uJesu." Uzifakazisile qobo lwaKhe phakathi kwenu, ngiMbonile, Wena uMbonile; NgiMzwile, Wena uMzwile. NaNgu, Ulapha.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

Wonke umuntu manje, ecula.

> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso (Khumbula, inkathi edlule.)
> KowaseKalvari . . . (Insindiso yomphefumulo wakho noma umzimba wakho, kuphi na?) Emthini waseKalvari.

Futhi manje, yonke inhliziyo yakho.

> Ng'yaMthanda, ngiyathanda . . . (Yizwa uBukhona baKhe, amandla aKhe okuphulukisa engena kuwe ngoba uyaMkholwa?)
> . . . ngithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

Manje, sisalihamisha.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda (Lokho nguBukhona baKhe kanye nawe.)
> Ngoba Wathanda kuqala . . . (Manje, Wenzeni lapha na? Wathenga ukuphulukiswa kwakho. Wenzani na?)

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

268 Manje, ngenkathi i-ogani isaqhubeka idlala, wena ozwile enhliziyweni yakho lokho kukholwa. . . Akunandaba ukuthi uzizwa kanjani, akusikho ukuthi uzizwa kanjani, uyazi, ngokomzimba, ukukholwa kwakho. Uzwile enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu ubekhona kakhulu nawe waze wabona, wabona iZwi laKhe elishunyayeliwe, lenziwa labonakala, uyazi ukuthi ngale kwethunzi lokungabaza ukuthi uKristu omkhulu ongaphezu kwemvelo owavuka kwabafileyo, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . usaphila, kulobubusuku, futhi khona lapha eBandleni laKhe. Futhi sesiseduze kwesikhathi sokuphela.

269 Uma ungeyena umKristu, futhi ungathanda ukuba ngumKristu, ungavele ume ngezinyawo zakho uthi, "Ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami." Ningasukuma, labo abangafuna ukwenza lokho ngalesisikhathi na? "Ng'yaMthanda. Uma Engeza lapha, futhi azi imfihlo yenhliziyo, futhi enze iZwi laKhe libe yilo ngempela kangangokuthi akekho ongalingabaza . . . " Likhona lapha phambi kwethu.

270 Ngibuka abantu ababili obekufanele basukume. Manje, wena nje. . . UNkulunkulu akubusise. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Sukuma nje, mfo osemusha. Kulungile. Omunye manje, sukuma nje, uthi, "Ngiyama qobo lwami ukwenza ufakazi, ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami. Ngifuna Yena, ngenkathi ngiseseduze kanje kuYe, uBukhona baKhe bulapha, ngifuna Yena abe nguMsindisi wami."

271 Omunye na? Woza manje. UNkulunkulu akubusise, mfo osemusha. Kuhle lokho. Sukuma ume ngezinyawo futhi uthi, "Ngifuna uku—ngifuna ukuKwemukela. Ngifuna ukwenza umbukiso ukuthi—ukuthi ku. . . ukuthi ngifuna ukufakazisa ukuthi ngikulungele ukuMmela." Othile kuvulandi osesitezi? Kuthi ukuba mnyama phezulu esiqongweni lapho. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

272 Uma ungesiye umKristu, uzoMemukela kulobuBukhona na? Woza manje, uyazi ukuthi uzwa ukuthi ufanele ukwenze, sukuma. Kulungile. Manje, bonke abafuna ukumamukela njenge. . . UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Kuyamangalisa. Kuhle lokho, umKristu ongcono. Bangaki abazophakamisa izandla zabo kulokho na? "Ngifuna ukuba umKristu ongcono." UNkulunkulu akubusise. Lokho kumnandi, kumnandi kakhulu.

273 Niyabo, uthola lesosisekelo, noNkulunkulu, ebona ukuthi sizama ukuzuzela imiphefumulo kuYe, lokho kuzoMenza abuye kusasa ebusuku nengxenye ephindwe kabili yakho, niyabo, njengoba sifakazisa kuYe ukuthi siqotho ekuzameni ukwenza

konke esingakwenza, sikholwa yilokho Asenzele khona. Uyakholwa yini . . . BekunguNkulunkulu owenza lezizinto na? Niyabo, sifuna ukukwemukela, sikusingathe ngenhliziyo yethu yonke, futhi sithi, "Nkosi Jesu, ngiyakuthanda."

274 Manje, uma nje uzoqhubeka ukukholwa lokho, uzobona izinto zenzeka obungakaze ucabange ukuthi zizokwenzeka. Niyabo? Buka nje ukuthi kwenzekani. Vele ungene ocingweni ndawana thize uthole umuntu ozayo.

275 Manje, nonke, ngifuna nina, ukuthi lensizwa, esukume emuva lapho ukwemukela uKristu njengoMsindisi waYo, Ngifuna abanye benu maKristu niqiniseke ukuthi leyonsizwa ifika kumfundisi khona manje futhi ilungele, ngoba . . . ngombhaphathizo, nanoma yini enye, ukwemukela uMoya oNgcwele manje.

276 Futhi nonke nina manje enikukholwayo lokho, eBukhoneni bukaKristu, ukuthi uyamamukela Yena njengoMphulukisi wakho, ngifuna ukuthi usukume, ukuthi nibeke izandla komunye nomunye, omunye ube nezandla phezu kwenu, futhi uyakholwa ukuthi ungaMemukela njengoMphulukisi wakho, sukuma ume ngezinyawo zakho ngalesisikhathi. Bheka nje ukuthi hlobo luni lokukholwa ongalufakazisa kuNkulunkulu ukuthi, "Ngiyakholwa." Kunjalo. Mayibongwe iNkosi. Kulungile. Amen. Kuyamangalisa lokho.

277 Lalelani, bandla elincane, gcinani lolohlobo lokukholwa lunyakaza, futhi niphume ngalapha futhi nenze umsebenzi othile, manje ngamunye wenu abe ngumshumayeli, tholani othize. Manje, ungakwenzi . . . Bangaki abazizwa bekahle, futhi abazizwa bencwaba emva kokuba sesiKwemukele na? Vele uphakamise isandla sakho. Niyabo, yizenzo zikaNkulunkulu nje, uNkulunkulu enza lokhu. NgiyaMthanda ngenhliziyo yami yonke. Manje, sonke ndawonye manje, asicule.

Ngi . . .

Manje asiphakamise izandla zethu ngenkathi sisakwenza.

. . . Mthanda, ng'yaMthanda<br>
Ngoba Wa (uNkulunkulu akubusise Mfowethu . . . ? . . .) kuqala . . .

